# *INKOMFA NONKULUNKULU*

. . .shile. Sibe nesikhathi esimangalisayo ngempela kuleliviki. Leli bekuyiviki elikhulu lezibusiso kimi. Futhi ngineqiniso libenjalo kini, futhi, abaningi benu lapha. Abaningi wemukele uMoya oNgcwele. Leyo bekuyinhloso yethu kulomhlangano. Nesizathu sokuthi singawufakanga ezazisweni, ngaphandle le, bekungenxa yo—yokungabi nendawo yokubeka abantu. Niyabo? Sivele nje . . . Ubusuku nobusuku, abantu bavele bahambe nje, lowo ngabantu bakithi bendawo. Futhi sikushilo nje phakathi kwababafo bakithi lapha.

2 Futhi mayelana nomnikelo wokuxhasa manje nje wobhaskidi, lokho bekubhekiswe kubantu bakithi bendawo. Kanjani . . . Leyo yinto yebandla lethu. Lona nguSonto sikole wethu ojwayelekile. Niyabo? Futhi ba . . . Kusobala, uma noma ubani obefuna ukusiza ngaleyondlela, sizo—sizoqiniseka ukuthi kuyiswa kwabantulayo. Sinemindeni, edolobheni, engenalutho, engezukuba nalutho lukaKhisimuzi. Ithembele kulelibandla. Futhi ngakho, leyondlela, ngani, uyo—uyoyela leyonhloso. Omunye wabadikoni, ayitshele nje ukuthi owani, noma udadewethu emuva lapho uzowuthatha.

3 Manje, ngizwa ukuthi sesibenayo vele inkonzo yombhaphathizo kulokhu ukusa. Bathi ukungishaya kulokho, abazange na? Awu, manje-ke, sizoba nenye nje kulobubusuku, ngakho, manje-ke, sibe nezimbili zazo. Ngakho sifanele . . . Noma, okungenani, ichibi lizogcwaliswa, ngoba masinya emva kwenkonzo, kulobubusuku, kuzobakhona enye inkonzo yombhaphathizo.

4 Futhi abanye babo, bathe, bazofanele babhaphathizwe. Ngakho uBilly ugijime wenyuka, emizuzwini embalwa edlule, futhi wangitshela, wathi, "Ungezi masinya, ngoba uMfowethu Neville ubedingeke ukuba abhaphathize, kuqala." Futhi uthe, "Bekunabantu abaningi lapho abadingeke ukuthi bahambe, masinya. Futhi bebengenasiqiniseko ukuthi besizoba nombhaphathizo kulokhu ukusa."

5 Khumbulani, lelichibi livulwe njalo. Njalo, noma ngasiphi isikhathi, noma ngaliphi ihora lemini noma ubusuku, lilungele umbhaphathizo. Abanye abefundisi bangena lapha, basebenzisa lelichibi ukubhaphathizela kulo, ngakho sijabula kakhulu ngalokho.

6 Lapha esikhathini esithize esedlule, ibandla iPark Methodisti, bengilapho nge—ngenkonzo inkonzo yokushumayela. Nomfowethu othandekayo wathi, "Ngangingale kwaMfowethu Branham ngolunye usuku, ukusebenzisa lelo—lelo . . . " Wathi, "Niyibiza ngani leyonto na?"

7 Ngathi, "Kuzoba l'khuni kwiMethodisti ukuthi, 'Ichibi lokubhaphathizela.'" Babenendishi encane lapho, bafafazela phakathi, niyazi, into encane nje ehlezi kulokho. Ngathi, "Kuyigama elil'khuni kakhulu kwiMethodisti ukuba ithi, 'Ichibi lokubhaphathizela,'" ngasho.

8 Wathi, "Sithanda ukuba nelilodwa lawo khona lapha. Ngithi nje ukukholelwa kulokho."

9 Ngakho, khumbulani, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma ubani ofuna ukulisebenzisa, nanto. Livulekile, amanzi angesihle.

10 Futhi sinenduku encane, yencane, induku eshisayo esiyifaka phakathi lapho, ukuzama ukuwafudumeza. Kodwa, ngiyanitshela manje, ayiwafudumezi. Lawo amanzi abanda ukwedlula onke engake ngawezwa empilweni yami. Futhi ngabhaphathiza, izikhathi eziningi, lapho engangize ngithathe unyawo lwami futhi ngikhahlele uayisi enhla emfudlaneni, *kanjalo*, ukubabhaphathiza. Bese-ke ngiya ekhaya, ngizama ukuya lapho engangizohlala khona, ngishintshe izingubo zami. Nezingubo zami zaziba yiqhwa kimi, ngihamba. Kwakunzima nje ukuba nginyathele, umlenze webhulukwe lami wawuqine nje nqi, nginyathela. Futhi ayengabandi njengalawa. Lawo ngamanzi abanda ukwedlula onke engake ngawabona empilweni yami. Angikaze nje ngibone noma yimaphi amanzi anjalo.

11 Mfowethu Kelley, angibandisa okweqhwa cishe ngife impela, njalo uma ngingena lapho. Futhi ngakho emva . . . [UDadewethu Kelley uthi, "Uma uzizwa ukahle, awakwenzi."—Umhl.] Kunjalo. Uma uzizwa ukahle, awakwenzi. UDadewethu Kelley uthi, "Uma uzizwa ukahle, awakwenzi."

12 Siyajabula ngaleliqembu labantu abajabule, abaxubene phezulu lapha, kuzo zonke izinhlobo ezehlukene zamahlelo. Ngabantwana bakaNkulunkulu nje bephoswe bahlanganiswa ndawonye. Kukhona abantu phakathi lapha oyiMethodisti, iBaptisti, iNazaretha, iPilgrim Holiness, iKatolika, uFakazi kaJehova, abeSayense yamaKristu, iPentecostal, konke kuphoswe kwahlanganiswa ndawonye.

13 [Omunye uthi, "Ngisho neJuda."—Umhl.] Ngisho neJuda. Ayibongwe iNkosi ngalokho. Ngiyabonga. Sijabula kakhulu ngeJuda. Yebo, mnumzane. Ukuba beku—ukuba bekungengenxa yeJuda, angazi ukuthi besiyoba kuphi. Kunjalo. Manje, kuhle kakhulu.

14 Yileyondlela iZulu elizoba yiyo, impela, ngoba iZulu lizohlanganisa konke onke amahlelo ahlukene. Futhi yingalesosizathu sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini.

15 Manje, Doc, leyo bekuyinjulamqondo encanyana. Ngiyazi bekuyiyo. U . . . Bengingasondele ngokwenele kukho. Njengoba nje ngithe ukusha izwi kancane, kulokhu ukusa, lizongena

egiyeni lesibili, emva kwesikhashana, bese liqala, niyazi, uma sengiqalile, ngiyakholwa.

16 Manje, ngibe neminye imibuzo engena izolo ebusuku, esaphathelene nomhlangano. Uma iNkosi ithanda, ngizoyiphendula ngokushesha impela, kulobubusuku, ngaphambi kokuba sibe ne—nenkonzo yokushumayela evamile, kulobubusuku. Futhi ngakho—ngakho qinisekani ukuthi niyeza, kulobubusuku, uma kungenzeka niphumelele. Futhi uma iNkosi ithanda, ngifuna ukushumayela ngendaba esemqoka kakhulu, yokuvalwa kwemvuselelo kulobubusuku, ngokwazi kwethu, ngaphandle uma uMoya oNgcwele uzosiqhubekisela phambili.

17 Abaningi benu, kusobala, nizofanele nibuyele emakhaya enu, namhlanje, noma emva kwalenkonzo, mhlawumbe, kulokhu ukusa. Sifuna ukusho ukuthi siyanijabulela, kakhulu impela. Futhi sifuna ukunifisela uKhisimuzi oMuhle nokuhle kunakho konke koNyaka oMusha. UNkulunkulu abe nani futhi aniphe izinto ezintsha, okuningi kokuPhila okusha enikufunayo nenikulambele. Yilokho engikwenzayo, uqobo lwami, ngukulambela okuningi kukaNkulunkulu.

18 Miningana eminye imibuzo. Kukhona . . . Nginembalwa nje ekamelweni, ngaleyonkathi nje, banginika. Nomunye umfowethu unike indodana yami, izolo ebusuku, eminye imibuzo. Futhi angilitholanga ithuba lokufinyelela kuyo, ngoba ngivele ngayihlohla ephaketheni lami, futhi isikhathi besesihambile.

19 Futhi eminye yawo iphathelene nasemuva futhi kulowo Matth- . . . noma amaHeberu 6:4. UDadewethu Mammie ushilo nje, emizuzwini embalwa edlule, ukuthi ujabule kakhulu ukukubamba lokho, ngoba wayebuze umbuzo ofanayo, esikhathini esithize esedlule. Leyo yinto ethusayo ngempela, ngempela. Kodwa ngineqiniso ukuthi nonke nikutholile, ukuthi bekuyini. Ngethemba ukuthi nikwenzile. Akusuye umKristu ogcwaliswe ngoMoya.

20 Manje uma nizoya kumaHeberu 10, nizobona ukuthi Washo lapho, kwehlukile, bese-ke Ekhuluma ngesono esingenakuthethelelwa kumKristu, kodwa, lokhu, kumuntu ogcwalisiwe.

21 Kodwa lona ngumuntu oyikholwa elithiyeka emnceleni elinambithile nje. Sinawo kuwo onke amabandla. Eza ebandleni nje, futhi, o, ayakujabulela okwenziwa yiNkosi, kodwa awasoze agudluka angene kukho. Ayakujabulela ukubona umuntu ephiliswa, kodwa awasoze enza umzamo wokuphuma futhi akhulekele abagulayo, futhi evakashela isibhedlela, noma enza into efaneleyo, niyabo, kanjalo. Niwabonile ayilolohlobo. Anambithile. Abonile. Njengoba ngishilo nje, abakaKayini, abaseKhenani, noma . . .

22 AmaIsrayeli, ngenkathi besondela eKhenani, ayesecishe impela abephakathi. Aya lapho, esekude ngokwenele ukuba athole ukunambitha izithelo zasezweni, kodwa athi, "O, a—asinamandla. Ngeke sa—sakwenza." Kodwa uJoshuwa noKalebi babazi ukuthi babengakwenza, ngoba babenesithembiso sikaNkulunkulu.

23 Futhi yilokho uPawulu ayezama ukukhuluma ngakho, ukhomba emuva lapho kulabo abasondele kuLo, sebesondele kakhulu, kodwa bangeke babeke isandla sabo kuLo qobolwabo. Niyabo? Bathi, "O, ngi—ngiyaya ebandleni, lawomabandla. Ngiya e—ebandleni elinobungcwele, ibandla lePentecostal. Ngiya ku *leli*."

"Kodwa namamukela yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?"

"O, qhabo. Angikakwenzi nje." Niyabo? Nakho lapho okhona.

24 Kodwa ikholwa langempela ngeke laphumula lize lingene kuLo. Ufanele nje aphumele lapho angene kuLo. Niyabo?

25 Nje uhlobo lo—lomugqa womncele, manje, lowo ngumuntu uPawulu akhuluma ngaye.

26 Nokho, manje, kulokhu ukusa, ngu Mlayezo weVangeli ovamile walokhu ukusa, iNkosi ithanda, ingiphe iphimbo elenele.

27 Ngakho ngicabanga ukuthi lokho yizimemezelo. Anginasiqiniseko, kodwa ngicabanga ukuthi lokho yiso, ngokwazi kwami. NoMfowethu Neville uzenze zonke ezinye.

28 Ngifuna ukuba nonke nazi, uma njalo ningalendlela . . . Nina enizoya ekhaya, manje, futhi ningeke nayihlalela inkonzo yakusihlwa, ngifuna nazi. Uma njalo ningapha, noma ngasiphi isikhathi, ngifisa sengathi ngabe bekunjalo, woza ngapha uzwe umelusi wethu. Sinomelusi wangempela kulelitabernakele. UMfowethu Orman Neville. Angikusho lokho ngoba ehlezi lapha. Sekuyiminyaka ngimazi. Futhi akaguquki neze, nakancane. Uselokhu engu Orman Neville, inceku yeNkosi. Ungethembela kuye. Uqotho nje, wethembekile, umshumayeli oyisimangaliso. Ngihlala emuva lapho . . .

29 Futhi ngike ngabezwa abashumayeli, emhlabeni wonke, beshumayela. Kodwa ngezinye izikhathi ushumayela izinto ezingishaqisayo nje, ngiyanitshela, nje kuyakuqukula, ku—kulezozinto ezincane azisebenzisayo. Ngiyanitshela, njalo uma ngifika, ngiletha . . . Ngithola cishe izindikimba eziyishumi nanhlanu entshumayelweni yakhe, uma ngi—uma ngifika, ngikubhala phansi. Ngiya ekhaya, "O, he, ngeke yini lokho kwenze umlayezo! O, he, ngeke yini lokho kwenze umlayezo!" Futhi nje ngikubhale phansi.

30 Ngakho fikani nizwe uMfowethu Neville wakithi, futhi nibambisane nabantu bakithi. Bangabantu abampofu, bampofu ngempela. Kodwa bayayithanda iNkosi, bayanithanda. Futhi ngakho siyajabula beninathi, futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa.

31 Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngaphambi kokuba sisondele eZwini.

32 Nkosi enomusa, siyeza manje sihlonipha nje ngakho konke esikwaziyo ukuthi kuziwa kanjani. Siza eGameni likaJesu, sikholwa ukuthi Usithembisile, ngaYe, ukuthi Uyokuzwa noma yini esiyoyicela kuWe eGameni laKhe. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokwenza lokhu kube ngukuvakashelwa kithi lapha kulokhu ukusa.

33 Sifuna ukuKubonga ezinjulweni zenhliziyo yethu, ngalokho Owasenzela khona kuleliviki eledlule. Izinhliziyo eziningi ezidabukile yenziwe yajabula. Abaningi babantu wenziwe wathokoza. Nabaningi ababedidekile, eZwini, manje usememeza ngokunqoba ngoJesu Kristu. SiyaKubonga ngalezizinto.

34 Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi namhlanje kuzoba ngesinye isikhathi Ozovakasha nabantu baKho. Futhi sibuthene lapha, bawo onke, izinhlobo eziningi ezehlukene, ngingathi, zamabandla amahlelo. Amanye enezinkolelo ezehlukene, mhlawumbe zokungavumelani okunobungani phezu kwemiBhalo, kodwa bengenakho lokho ukuba kube yisithiyo, nhlobo, ngisho nakudadewethu oyiJuda ophakamise isandla sakhe. Sibuthene ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu.

35 Siyakhuleka, namhlanje, ukuthi uMoya waKho uzothululwa kabusha phezu kwethu. Siphe umbhaphathizo ofreshi, kulokhu ukusa, Nkosi, noma ukugcwaliswa okufreshi. Futhi sicela ukuthi Uzophilisa abagulayo, abahluphekile, labo abantulayo. Nansi indoda ehlezi lapha esihlalweni esinamasondo, abanye baphandle lapho, mhlampe, behlushwa yinhliziyo, abanye benomdlavuza. Bayafa, Nkosi. Nodokotela abahle kakhulu basezweni lakithi bazixilongile izifo zabo futhi behlela kuso ngokukhulu ukujula abangakwenza, futhi mhlawumbe nemithungo, futhi lowodeveli usalokhu ebambelele. Uphokophelele ukuthatha ukuphila kwabo. Futhi u. . .Bangasika ndawo ndawo ngomese wabo nezandla zabo ezithambile, ukuzama ukusiza lowomuntu, kodwa lelodemoni liyonyenya liyongena kwelinye ikhona futhi lapho liphinde liqhume futhi. Ngoba likwazi kahle ukucashela udokotela. Kodwa, Nkulunkulu, ngeke lakucashela Wena. Wazi ngqo lapho elikhona. Futhi ngeZwi lokukholwa kwaKho naMandla, lizofanele lisuke. Futhi sikhuleka kuWe, namhlanje, Nkulunkulu, ukuthi Wena uzokwenza ukuthi yonke into embi

isuke kubantu, ukuze babenempilo, futhi bajabulele izibusiso zeNkosi uNkulunkulu wethu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

36 Manje, maningi amaduku abekwe lapha. Futhi sizowakhulekela. Futhi uma ungenalo elilodwa lapha, futhi ufisa elilodwa, awu, vele usibhalele nje lapha eposi ofisi boks thri thu fayfi, futhi ngokushesha sizolithumela kuwe ngqo. Lokho kutholakala manje eNcwadini yomHeberu, eNcwadini ye—yeZenzo, isahluko 19, lapho esithatha khona amaduku noma izindwangu kubantu, ukukhulekela phezu kwawo.

37 Asiphenye, kulokhu ukusa manje, emiBhalweni, eNcwadini kaIsaya, isahluko 1. UIsaya 1, sisafunda ingxenye yomBhalo.

38 Futhi nisaphenya kuleNcwadi, ukusilandela ekufundeni, sifuna ukukhuluma okuthize mayelana nenkonzo yokuphilisa ezoqubuka.

39 Manje, asizami ukusho ukuthi senza ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, lapha, okukhulu, ngoba ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kuncane. Futhi soze wakwenza kubekukhulu okuncane. Kodwa sikholwa ukuthi inkonzo kaJesu Kristu, amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha ayo, kwakungukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Futhi ekubambeni ukunaka kwabantu ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu, kwaletha ukuqonda ukuthi WayenguNkulunkulu. Futhi ba . . .

40 Wathi, "Uma ningenakungikholwa Mina ukuthi ngiyilokho, khona-ke kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo. Ngokuba uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba, futhi ningenakuNgikholwa, khona-ke kholwani imisebenzi."

41 Niyabo, njengoMuntu, Wazenza Yena uNkulunkulu. Esiphambanweni, noma . . . Ngaphambi kwesiphambano nje, bathi kuYe, "AsiKukhandi ngamatshe ngenxa yomsebenzi omuhle Oyenzile. Kodwa siKukhanda ngamatshe ngoba UnguMuntu, Uzenza Wena uNkulunkulu." WayenguNkulunkulu. Wayenguye. UNkulunkulu wayekuYe. Futhi ngakho, manje-ke, Wathi, "Uma ningenakuNgikholwa, kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo." Niyabo? "Kholwani yimisebenzi nje, ukuthi ingekaNkulunkulu."

42 Awu, manje, into efanayo inamhlanje. Akekho umuntu emhlabeni onguNkulunkulu. Impela akekho. Sonke siyizidalwa ezingabantu, wonk'umuntu uzalelwe esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ekhuluma amanga. Kodwa njengoba sedlulile kukho ngokucace bha kuleliviki, ukubonisa ukuthi uNkulunkulu wake wahlala *ngaphezu* kwesidalwa saKhe, ngenxa yesono. Wase-ke Ehlala *ne*sidalwa saKhe, ngesimo somzimba, uJesu Kristu; wabeka ithende laKhe kanye nathi, wakha kanye nathi, "waba yinyama," enathi, ukuhlushwa

yisono nezinhlungu, ubuhlungu obukhulu, nezinto esizenzayo. Wase-ke Engcwelisa iBandla ukuze Akhe *kulo*. Ngakho kwakunguNkulunkulu ngaphezu kwethu; uNkulunkulu enathi; uNkulunkulu kithi.

43 UJesu wathi, "Ngalolosuku, niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi; nami Ngikini, nani nikiMi." Futhi niyabona lapho, nguNkulunkulu esebenza ngento. Ngakho, uma umuntu ezinikele kakhulu ngokuphele kuMoya oNgcwele, futhi ekhuluma, akusuye umuntu okhulumayo.

44 Lokho ngikwazi ngesipiliyoni sokuzibonela. Ngesipiliyoni sokuzibonela kwami esincane ngoKristu, ngathola izikhathi ukuthi—ukuthi Uyaye Angivumele ukuba ngizinikele kuYe, ngaze angangabe ngisazi ukuthi ngangithini. Futhi ngangingeke ngikusho lokho, mahhala ezweni, kodwa kwashiwo nguYe.

45 UHettie ehlezi emuva lapho, inenekazi. Ngolunye usuku, lenkonzo entsha, engethemba ukuthi izoza kulokhu ukusa. Futhi nonke uzwile ngayo. Futhi ngenkathi sihlezi . . . Futhi kukhona okungenani abayisishiyagalombili noma ishumi, khona lapha manje, wayehlezi ekhona ngalesosikhathi. Futhi lapho uMoya oNgcwele uphendukela kulowo wesifazane futhi wamtshela ukuba acele noma yini ayeyifisa, futhi uyophiwa yona. Ucabanga ukuthi kwakungashiwo yimi lokho na? Ukuba ngangingahle ngikwazi, bengingakusho khona manje. Kodwa ngangingeke ngakusho lokho. Futhi ngathuthumela, ngaphela amandla kakhulu. Umfowethu Banks Wood, emi lapho, wayehlezi eceleni kwami. Nomjuluko uconsa ezandleni zami, futhi ngaphela amandla kakhulu ngaze ngasukuma ngaphuma endlini. Kwangethusa kabi kabi. Kodwa owesifazane ucele enye yezinto ezinkulu kunazo zonke eyayingacelwa noma ngubani, futhi wakwemukela. Niyabo, lowo kwakunguNkulunkulu. Lowo kwakungesuye umuntu. Abantu ngeke bazenze lezozinto.

UJesu wathi emthini, "Akungabe kusadla-muntu kuwe."

46 Futhi abafundi, ngosuku olulandelayo . . . Kwashesha kanjani, kwaqala ukusebenza ngaso lesosikhathi. Ngosuku olulandelayo, sasesiqale ukubuna. Futhi bathi, "Bheka umuthi ubuna masinya kangaka."

47 Wayesethi, "Kholwani nguNkulunkulu. Ngokuba ngiqinisile Ngithi kini, uma ni . . . " Hhayi uma "Ngi," kodwa uma "nina." "Oyothi kulentaba, 'Suka,' engangabazi, kepha akholwe ukuthi akushilo kuyofezeka, ungaba nakho okushilo."

48 Lowo nguNkulunkulu kuwe. Niyabo? Ubani ongasusa intaba ngaphandle kukaNkulunkulu na? Ubani owayengafeza izinto kanjalo ngaphandle kukaNkulunkulu na? Ngakho, niyabo, kungaphambili kakhulu kokuphikisana, uNkulunkulu ukubantu baKhe. Ngakho-ke sifanele sihloniphane. Sifanele sithandane. Ngaphambili ngaleya kwemigoqo yethu yamahlelo,

sifanele sithandane, empeleni. Akunandaba noma singeke savumelana.

49 Mhlawumbe, abaphostoli, babengavumelani. Babefuna ukwazi ukuthi ubani owayezoba ngomkhulu kunabo bonke, nezinto eziningi uJohane uMarku, no noPawulu lapho, babekade bene. . . NoPetru noPawulu babenokungavumelani. Kodwa, izibopho zothando, yilokho esizama ukukulwela namhlanje, ukuthi yonke iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, noma ngabe yini, sonke sindawonye, njengobunye bobuKristu. Manje sizama ukuthola ukugcwaliswa ngoMoya, ukuba sigudluke senyukele eduzane kakhulu kuNkulunkulu. Yilowo umbono.

50 Manje senimtholile uIsaya 1? Asiqale ngevesi 14. Futhi ngizothatha indikimba, iNkosi ithanda, kusukela evesini 18, ukudonsa ingqikithi yami.

> *Ezokwethwasa zenu kwenyanga nemikhosi yenu emisiweyo kuyozondwa ngumphefumulo wami: kungumthwalo phezu kwami; ngikhathele ngokukuthwala.*
>
> *Lapho nelula izandla zenu, ngiyakufihla kini amehlo ami: yebo, lapho nenza* noma yimiphi *imikhuleko, angiyikuzwa: izandla zenu zigcwele igazi.*
>
> *Gezani, nihlanzeke; nisuse* ububi, *ububi bezenzo zenu phambi kwamehlo ami; niyeke ukwenza okubi;*
>
> *Fundani ukwenza okuhle; nifune ukwahlulela, niqondise abahlushwayo, nahlulele izintandane, nimele* abafelokazi.
>
> *Wozani-ke, sithethe indaba, isho INKOSI noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengokububende, ziyakuba-njengoboya bezimvu.*
>
> *Uma nivuma nilalela, niyakudla okuhle kwezwe.*
>
> *Kepha uma nala nihlubuka, niyadliwa yinkemba: ngokuba umlomo weNKOSI ukhulumile.*

51 Niyazi, kamuva, sizwe kakhulu impela ngezinkomfa, abantu bebuthana ndawonye. Yilokho uNkulunkulu akhuluma ngakho lapha, inkomfa nabantu baKhe. "Wozani, sithethe indaba." Yilokho ebesikwenza izinsuku ezimbalwa. Futhi okuningi kakhulu kwesizwe kunjalo, nezindaba zesizwe namhlanje, kwesekeleke ezinkomfeni.

52 Lapha esikhathi esithize esedlule, ngingakukhumbula kalula, nabaningi babantu bangakukhumbula, iNkomfa yamazwe amaKhulu amaNe. Bahlanganisa ndawonye abaholi abakhulu bomhlaba, bomhlaba othanda ukuthula, futhi babenenkomfa. Futhi kulenkomfa bazama ukunquma ukuthi yikuphi okuhle nakho konke okungenziwa.

53 Sase-ke siba neNkomfa yaseJineva maduza nje, lapho khona, eJineva, abantu abathanda ukuthula bomhlaba bazihlanganisa ndawonye, ukuba babuzane, futhi baxoxisane, ngokuthula komhlaba. Leyo yabizwa ngeNkomfa yaseJineva.

54 Kwase-ke, uma ngingaphosisi, baba ne—neNkomfa yasePerisi, lapha manje, esikhathini esithize esedlule. Futhi bonke bahlangana ePerisi, ukuyodingida ngezinkinga, nokuzama ukuletha ukuthula.

55 Futhi manje uMongameli wethu othandekayo, uDwight Eisenhower, uhamba ezweni elikhululekile. Amaphepha agcwele khona. Nomsakazo, ngezinkulumo zikaMnu. Eisenhower nabantu abakhululekile bezwe, inkomfa emva kwenkomfa, uzama uku—ukufinyelela khona. Ne. . . Bayasho, emaphepheni, mayelana nokuthi wemukeleke kanjani—kanjani ezindaweni eziningi kakhulu, nokuthi bahlabelela kanjani iculo laseMelika, noma bavuse ifulege, noma baphakamise ifulege, njalo, phezulu, uma efika. No—nohlukile amuphe izipho, nokunjalo. Ngabantu abayizizwe ezithanda ukuthula.

56 Futhi ngicabanga ukuthi sifanele simkhulekele uMnu. Eisenhower, besazama ukuveza yonke imizamo yabo, ukuzama ukugcina lelizwe lapho esingaba nemihlangano khona enjengalo, ukuba sikhululeke.

57 IMelika, kuso sonke isono sayo nayo yonke inkathazo yayo, isengcono kunawo wonke izwe elinawo. Ngiyakukholwa lokho. NoNkulunkulu akayisize ibenjalo, futhi ihlale injalo, ngokuba sineminye imigomo ethandekayo. Ukuthi, lomhlaba omdala ububhukuda egazini, ukuba ugcine lemigomo.

58 Ngakho ngicabanga ukuthi sifanele sikhuleke, ngasosonke isikhathi, ukuthi uNkulunkulu uzoba noMnu. Eisenhower, usemdala nempilo yakhe ayiyinhle kahle. Ne—nendoda ekumeleni kwayo inhlalakahle, futhi yenza izinkulumo, futhi izama ngawo onke amandla ayo. Ngisho noma niphikisana nayo, kwezombusazwe, ikhulekeleni manje. Yisizwe sakini esisengozini.

59 Ibanjelwani inkomfa na? Esani isizathu salezizinkomfa na? Kuzofanele kube nesizathu, kungenjalo bebengeke babenalezizinkomfa. Bafanele bafike esinqumweni esithize salokho abazokwenza. Eyalokho-ke inkomfa, ngeyokwenza isinqumo. Amadoda endaweni eyodwa, nenye indawo, nemiqondo eyehlukene, nezinto ezincane zivuka *lapha*, nento ethize *ngapha*, nasemuva *lapha*, manje-ke bafanele bahlangane ndawonye futhi babambe inkomfa, bese-ke benza isinqumo ukuthi bazokwenzani ngaso. Futhi yingakho zibanjwa.

60 Bese kuthi-ke emva kwesinqumo, noma sekuhlelwe inkomfa, bafanele babenendawo ethize yokuba nalenkomfa. Futhi uma nizoqaphela, lokho, bazama njalo ukuthola indawo ethize enhle. Ngike ngaba seJineva, lapha iNkomfa yaseJineva

yayikhona ePerisi, ne—nezindawo ezehlukene lapho izinkomfa bezibanjelwe khona. Ngike ngaba sesakhiweni seNhlangano yeZizwe. Futhi, o, kuhle, ikakhulukazi eJineva. Futhi-ke phakathi lapho, ba . . . Ngikholwa ukuthi bazama ukukhetha lezizindawo ukuze ukuheheka . . . Kukhona okuthize, lokho, uma kunokuthula futhi—futhi kuhehana, kubonakala kusebenza emoyeni wesidalwa esingumuntu. Ngikholwa ukuthi yiqiniso lelo.

61 Izikhathi eziningi, okwami uqobo, ukukhwela intaba, ngiqaphele ukushona kwelanga, noma, kuyangixhuxhumisa nje, futhi kubukeka sengathi yonke imehluko yami sekuxazululekile. Indawo, indawo, indawo ekhethiwe lapho lenkomfa efanele ibanjelwe khona. Bese-ke kufanele kubekhona izinqumo ezenziwayo.

62 Bese-ke omunye umcabango engifuna niwuthole, yilo, enkomfeni, ukuthi ababinayo neze inkomfa ngaphandle uma kukhona isidingo esibucayi. Ingesi—sikhathi esikhathazayo, uma kubanjwa izinkomfa.

63 Ngesikhathi somhlangano wamazwe amaKhulu amaNe, kwakuyinkomfa ngenxa yokuthi Impi 11 yoMhlaba yayisicishe impela ingasalawuleki. Futhi babefanele bahlangane ndawonye futhi bahlanganise onke amasu abo ndawonye, futhi kubekhona abakwenzayo; uMnu. Churchill, noRoosevelt, nabanye. Bezama ukuhlanganisa ndawonye imizwa yabo, ukuhlanganyela kukho, ukuthola ukuthi yiliphi ikhambi elingcono, ngoba kwakungumzuzu obucayi. Kwakuyisikhathi lapho wonke umhlaba okhululekile wawufanele ukuba usuqhunyisiwe. NoHitler, namhlanje, wayezoba yindlovu kayiphikiswa womhlaba, ngakho sasingeke sibe nalomhlangano namhlanje.

64 Yingakho kubanjwe izinkomfa, ne—nesizathu sokuba bazibeke ezindaweni ezikhethiwe, ne—nesizathu sokuba babenazo. Futhi uma . . . Futhi siyaphoqeleka enkomfeni. Yingaleyondlela behlangana. Futhi lezo kube yizinkomfa ezinkulu. Akukho kungabaza emqondweni wami, nesikhathi ngeke singivumele, iphimbo lami, ukuba ngiqhubeke futhi ngisho ngezinye izinto izinkomfa ezinkulu kusukela phansi emnyakeni, engifunde ngazo, ngezinsuku zikaFaro, njalonjalo. Kodwa, izinkomfa ezinkulu zohlelo lwalizwe ike yabanjwa.

65 Futhi, manje-ke, uNkulunkulu ubambe ezinye zezinkomfa ezinkulu. Kufika isikhathi, endleleni yokuphatha enkulu kaNkulunkulu, lapho okwakufanele kubekhona inkomfa ebanjwayo. Futhi eyokuqala engingayibiza, yalomhlaba, yayesensimini yase-Edene. Ngenkathi, iziNgelosi zikaNkulunkulu zifika eKhaya, zikhala izinyembezi, zithi, "Umntwana waKho usewile. Wonile, futhi wephule imiyalo yaKho." Kwafanele kubekhona okwenziwayo. Isidalwa sikaNkulunkulu sasiwile emseni, futhi sasesiphansi

kokwehlukana Phakade noBukhona bukaNkulunkulu waso noMenzi waso.

66 Kwakungumzuzu obucayi, ngokuba iNkosi yaseZulwini yayithe, "Ngosuku eniwudla ngalo, ngalolosuku niyafa." Futhi ebeka ithemba laKhe endodaneni yaKhe, indodana yaKhe yayephule umyalo waKhe. Kwakufanele kubekhona okwenziwayo. Kwakungokudaliweyo kwaKhe. Kwakungumsebenzi wesandla saKhe uQobo. Kwakuwuthando lwenhliziyo yaKhe, isithandwa saKhe esikhulu. Kufanele kwenziwe okuthize. Ngakho kwakufanele kubekhona inkomfa enkulu ebizwayo.

67 UNkulunkulu wakhetha isihlahla esithize ensimini yase-Edene. Futhi emva kokuba Esekhiphe waphosa izikhumba zezimvu ezindala ezinegazi phakathi e. . . emva kwezihlahla. Wabiza uAdamu noEva, futhi lapho Wenza inkomfa, kwaxoxiswana wase enza ikhambi lalento embi kakhulu abantwana baKhe ababekade beyenzile. Inkomfa kaNkulunkulu.

68 Futhi kwabakhona isinqumo esenziwayo. Njalo, enkomfeni, kukhona isinqumo. NoNkulunkulu wenza isinqumo. Leso, ngenxa yokuthi uEva waye. . . Lapho Embamba ekumeni kobufakazi, ngoba wayesuse ukuphila ezweni, wayefanele alethe ukuphila ezweni. Futhi kuAdamu; nasenyokeni; futhi, kusobala, lowo eyinhloko yesizwe, sonke isizwe phansi kwakho sawa noAdamu.

69 Manje-ke ngingabiza enkumbulweni yami, enye inkomfa, yomprofethi owayebaleka owayebe buthakathaka ezinqumweni zakhe, futhi wayecabanga ukuthi umsebenzi ayenikwe wona wawumkhulu kakhulu. Futhi wayebalekile futhi waziganelwa wumfazi, futhi wabuyela ehlane, futhi wayekade elapho iminyaka engamashumi amane. Umprofethi, egcotshwe nguNkulunkulu, enomyalo emsebenzini omkhulu wokuthunywa; ezalwe ezweni, engumprofethi. Kodwa, nokho, kuyo impela insongo yephutha lakhe ayelenzile, ukuwuthatha ube sezandleni zakhe uqobo esikhundleni sokulandela iziyalo zikaNkulunkulu, wabulala umuntu. Futhi ngensongo nangokwesaba uFaro, wabalekela ehlane, futhi wayelapho iminyaka engamashumi amane.

70 Nezigqila zaseGibithe, umsebenzi ayenikwe wona wawumkhulu kakhulu, imihlane yabo yayibuhlungu kakhulu, izinhliziyo zabo zazephukile kakhulu kwaze kwathi ukukhala kwabo kufika phambi kukaNkulunkulu, waze Waphoqeleka ukuba abe nenkomfa.

71 Kukhona indlela yokuphoqa inkomfa. Ungayenza empilweni yakho uqobo, elamanqamu.

72 Imithwalo yabantu, nokukhala, kwakukukhulu kakhulu, uNkulunkulu waze waphoqeleka ukuba abize inkomfa. Lapho

uNkulunkulu enza isinqumo, kufanele kube ngaleyondlela. Ngakho Wayesevele, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wafaka umuntu eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngenxa yokukhulula labobantu. Zonke izinto kwaplanwa ngaphambili nguNkulunkulu. Igama lalowomuntu lalinguMose, inceku yaKhe. Ngakho, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, uMose wakhethwa ukuba akhulule abantu.

NoMose wayehlulekile kuNkulunkulu.

73 Lokho kufanele kusinike ukuzethemba nesibindi. Thina esehlulekile kuNkulunkulu, sisenawo amathemba. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Siyehluleka kuYe, njengebandla. Siyehluleka kuYe, njengabantu. Kodwa asibize inkomfa, sikuxoxe naYe, sibone ukuthi Uzositshelani, sibone ukuthi sinqumo sini esizosizuza.

74 Nomuntu kaNkulunkulu wayehlulekile, noNkulunkulu wadingeka ukuthi abize inkomfa. Akekho omunye ayengamsebenzisa. Wayekhethe uMose. Ngakho wehlela ehlane, ndawondawo ngemuva kogwadule, eduze kwaseSinayi. Futhi Wakhetha isiqongo sentaba, nesihlahla, indawo ethize. Wacabanga, "Ngizokhuphulela uMose lapha. Lena kuzoba yindawo enhle, kude nezimvu zakhe, kude nomkakhe, kude nabantwana bakhe, kude nabobonke abantu. Futhi Ngizobiza inkomfa naye."

75 Lapho, lapho Ekhuluma nomprofethi, ekugcineni bafinyelela odabeni. "Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi. Yingakho Ngikubizile, Mose. Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi ezansi lapho, futhi Ngiyakhumbula ukuthi Ngenza isithembiso eNgifanele ngisigcine. Manje Ngithuma wena ezansi lapho."

76 UMose wayenamazwi akhe—akhe ephendulana noNkulunkulu. Wayengumuntu. Wathi, "Kodwa ngingubani mina na? A—angikwazi ukukhuluma."

77 Kwase kuthi-ke kule—kulenkomfa. UNkulunkulu wathi kuMose, "Ubani owenza umlomo womuntu na? Ubani owenza umuntu ukuba akhulume na? Ubani owenza isithulu na? Ubani owenza isimungulu na?"

NoMose wayesalokhu ekhononda. Wayefuna ukubona inkazimulo kaNkulunkulu.

78 Wayesethi, "Mose, uma ufuna ukubona ukuthi NginguBani, NginguNkulunkulu osebenza izimanga. Phosa induku yakho phansi emhlabathini." Futhi yaphenduka inyoka. Wayesethi-ke, "Namathelisa isandla sakho esifubeni sakho." Bese uyasikhipha, futhi sasiwubulepero. Futhi lapho esiphindisela futhi esikhipha, saphiliswa. Wathi, "Uyazi ukuthi NginguBani, Mose na? NginguNkulunkulu owenza izimangaliso. NginguNkulunkulu ophilisa abagulayo nabahluphekile. NginguNkulunkulu uJehova."

79 UMose wathi, “Ngiyayibona inkazimulo yaKho. Enye futhi into eyodwa engifuna ukuyazi, ngaphambi kokuba lenkomfa ivalwe. Ngiyothi ngithunywe ubani kuFaro na?”

Wathi, “Mtshele ukuthi u ‘NGINGUYE’ ukuthumile.”

80 Hhayi “Nganginguye,” noma “Ngiyoba nguye.” Kodwa, okhona njalonjalo, “Onguye izolo, namuhla, naphakade.” “NGINGUYE,” *NGI* yinkathi yamanje, manje. Kuthatha ezayo, eyamanje, ne—nenkathi edlule, “NGINGUYE.”

“NGINGUYE ukuthumile.”

81 UMose wemukela iziyalo zakhe wayeseqhubekela ezansi eGibithe. Ephuma, eletha abantwana, nakho kufika isikhathi, ngaleyonkathi, lapho sebevinjezelwe. Abantu, abantu ababizelwe ngaphandle, abantu abehlukaniswe nalolonke izwe! UIsrayeli wayengabantu bakaNkulunkulu, inqobo nje uma eseseGibithe. Bathi nje bangaphuma eGibithe, babeyibandla likaNkulunkulu. Igama “ababizelwe ngaphandle,” noma *ibandla*, kuchaza “ababizelwe ngaphandle.” Ngakho babebizelwe ngaphandle bephuma kulolonke izwe, futhi bayibandla.

82 Kuyilokho-ke kulokhu ukusa, labo ababizwe baphuma ezweni, akunandaba ukuthi banasigqebhezana sini sehlelo abanaso kubo. Uma bebizelwa ngaphandle, bahlukaniselwe uNkulunkulu, futhi bangamalunga eBandla laKhe elikhulu.

83 Ngakho lababantu babezahlukanisile, ngokunikela ngegazi lewundlu, nangokubeka i—igazi, phezu kwekhothamo lomnyango. Futhi lelo lalibekwa ngehisopi.

84 Bukani. Ngifuna niqaphele into ethize lapha. Imangalisa kabi. UMose wayala ukuba bathathe ihisopi, futhi balicwilise egazini lewundlu, bese belibheca phezu komnyango. Igazi, kusobala, lalimele iGazi likaKristu. Ihisopi laliwukhula oluvamileyo. Wawungaluthola noma yikuphi, uvele nje ukhe ukhula olungagcwala isandla.

85 Kukhombisa ukuthi iGazi lilula kabi ukulibheca. Ukhula lumele ukukholwa, ukukholwa nje kuNkulunkulu. Awudingi ukuya kwenye indawo. Vele nje uthathe ukukholwa kukaNkulunkulu bese ubheca iGazi enhliziyweni yakho. Uthi, “Ngiyehlukana nezinto zezwe, ngoba, ngokukholwa, ngibheca iGazi ecaleni lami kulokhu ukusa. Ngizophiliswa, ngoba ngibheca iGazi phezu kwekhothamo lenhliziyo yami. Angisophinde ngidedele ukungabaza kungishaye futhi, ngokuba ngizozivikela ngokubeka iGazi likaJesu, ngokukholwa (ihisopi lami), phezu komnyango wami. Futhi akukho-sitha esizongena. Ngeke ngisaba ngongalikholwayo iZwi likaNkulunkulu.” Kulula kanjalo-ke.

86 Babesekumasheni kwabo, emva kokuba sebehlukanisiwe, nabantu ababizelwe ngaphandle. Futhi bafika oLwandle

oluBomvu. Futhi babefanele bathi akumiwe. Abakwazanga ukuwela. Induna enkulu, uJoshuwa, wadingeka ukuthi aphakamise isandla sakhe futhi ashaye icilongo, ukuthi, "Yimani! Yekani ukumasha! Kukhona isithiyo phambi kwethu. Sinezintaba macala omabili. Siphansi lapha esigodini, futhi sifanele sime."

87 Futhi uma leloBandla like laze lama, kungaleyonkathi uSathane athatha khona izintambo. Hambani, njalonjalo futhi ngokushesha, nimasha niqonde ngaseSiyoni. Ningadedeli iBandla likaNkulunkulu ophilayo like lize libe necala lokuma.

88 Ngakho bama, wayesethi, "Yin'indaba lapha na?" Futhi kwathi nje bangama futhi bagxumeka amathende abo, futhi baqala ukuphumula isikhashana, bezwa ukugodlozela kwamasondo. Futhi indlela yokuphunyuka kuphela ababenayo kwakungukuhlehlela nyovane. Futhi nakhu kuza impi kaFaro, ingena ukuba ivimbe ngqi, noma ukubashekelela.

89 Nina masosha, enilaziyo isu, ukuthi babavalela kanjani. Kwakukhona uLwandle oluBomvu phambi kwabo, mhlawumbe amamayela amabili noma amathathu phambi kwalo. Nakhu kwakuyizintaba eziphakeme; babengeke bakwazi ukhwela kuzo. Babezoba njengezimvu, bahlakazeke lapho, sebewukudla kwabo bonke abanembi ngomnsalo. Nasemva kwabo, ngoba babemile, kufika isitha.

90 Kukhombisa lokhu, bangane, ngisho nasemashini namhlanje eqonde eZweni lesithembiso, isitha singukugxuma nje noma okubili emva kwethu. Ngeke sama kulemvuselelo. Lokhu ngeke kwaba ngukubiza ukuthi kumiwe. Yibani nilokhu niqhubeka nje. Hambani niye phambili. NinoBukhona bukaMoya oNgcwele unani, lobobusuku bakuthangi, nayizolo ebusuku. Manje ngokuqhubeka hambani ningene kuLokho. Ningabizi ukuthi kumiwe, ngokuba isitha sisondele kakhulu emva kwenu.

91 Futhi kwathi nje kungabizwa ukuthi akumiwe, nempi kaFaro yabonwa, iza kuseyibanga; u—umdumo wamasondo ezinqola, nothuli lushunqa, nokuklabalasa kwamasosha. Isikhathi esinje pho! Kwagijimisa abantu bacishe baphiyazela impela.

92 Kodwa wayekhona oyedwa, phakathi kwabo, owayazi ukuthi kwakungekho sizathu sokuthikamezeka. Wayekade enezinkomfa ngaphambili. Wayazi ukuthi kuthatheni ukuthola uNkulunkulu. Ngakho phezulu, sizothi, phezulu egqumeni, edwaleni elithize, uMose wazifihla kubobonke abantwana bakwaIsrayeli, futhi lapho wabamba inkomfa. "Nkosi, ngimashe ngafika kulendawo, kodwa isithiyo sisimisile. Sidingeke ukuba sibize ukuthi akumiwe."

93 Njengomfowethu lapha esihlalweni esinamasondo. Njengani mhlambe nihlezi lapho ninomdlavuza, noma ukhathazwa yinhliziyo, noma mhlawumbe into owaziyo nje ukuthi uzofa

khona manje. Isitha sikumisile. Sikumise ngqi. Mhlawumbe ufika ekumeni ngaphambi kokuba isitha sikwedlule. Mhlawumbe kukhona into esempilweni yakho, ekubangele ukuba ume. Noma ngabe kuyini, usenayo inhlanhla yenkomfa. Asikuxoxisane naYe. Asenze okuthize ngakho. Akunandaba ukuthi isitha siyini, asisikhulu neze kakhulu kuNkulunkulu wethu. Sidinga inkomfa.

94 Ngakho uMose wenyuka, emva kwendawo ethize, sizosho njalo, futhi wabamba inkomfa noNkulunkulu. Wayengazi ukuthi uzokwenzenjani.

95 Mhlawumbe awazi ukuthi uzokwenzenjani. Mhlawumbe uyisoni, futhi wenze esiningi kakhulu isono. Mhlawumbe ubheme uze ungabe usakwazi ukubuye ubheme, futhi awukwazi ukukuyeka. Mhlawumbe uphuze uze ungabe usakwazi ukubuye uphuze, futhi awukwazi ukukuyeka. Mhlawumbe usufike endaweni lapho khona ogcwele kakhulu isono nenkanuko, uze ubuke bonke abesifazane obabonayo, kuyiphutha. Noma, mhlawumbe uze wahlanekezela ngisho nemithombo yakho yokwemvelo. Mhlawumbe usufike kwangqingetshe. Angikhathali ukuthi ukuphi, uNkulunkulu usakulungele ukuza kuwe, enkomfeni, futhi akuxoxisane nawe. Mhlawumbe ubhidlize ikhaya lakho. Mhlawumbe ushiye umyeni wakho, noma washiya umkakho. Mhlawumbe ubalekele abantwana bakho. Kungahle kube nezinto eziningi kulempilo, isitha esikubambe ngonoxhaka kukho, kodwa, khumbulani, mfowethu, dadewethu, nisenawo amalungelo ukuba nibe nenkomfa noNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Kuxoxisane naYe. "Uwusizo lwamanje impela ngesikhathi senkathazo."

96 Manje-ke siyabona ukuthi uMose wayenenkomfa. Futhi mhlawumbe kwakuyile inkomfa, "O Mholi omkhulu kaIsrayeli, ngenze konke lokhu ngokuyala kwaKho. Ngikwenzile. Ngihole lababantu njengoba Wangitshela nje ukuthi ngikwenze. Ngemboze abantu ngegazi. Ngehlise izinhlupheko zivela ezulwini. Ngenze konke Ongitshele ukuthi ngikwenze. Futhi silapha, sibanjwe ngonoxhaka. Ngifanele ngenzenjani, Nkosi na? Ngifanele ngibe nalenkomfa naWe." Futhi mhlawumbe ehlezi phezu kwesiqongo sedwala, noma emi eduzane, ngasemfantwini wedwala, kwakunguMose ekhuleka kulendawo ethize, ekhethiweyo, kulomzuzu obucayi.

97 Kwakufanele kubekhona into eyenziwayo, kungenjalo babezofihlizeka ngaphansi kwamasondo ezinqola. Babezophushwa bayophumela ngale, bonke abantwana abancane bamaHeberu. Zonke izingane ezincane zazizosakazwa, amakhanda azo edwaleni. Nonina babezoqhaqhwa, phakathi lapho, futhi baphoqwe. Nobaba babo—babo babezobulawa ngokucekelwa phansi. Kwakungumzuzu obucayi.

98 Kungahle kubekhona lolohlobo olufanayo lomzuzu obucayi, mhlawumbe kungabi nje ngaleyondlela, kodwa mhlawumbe umdlavuza ukubambile. Mhlawumbe esinye isifo. Mhlawumbe isono sikubambile. Futhi sizokufihlizela phansi esihogweni sikadeveli, ukwehlukana noNkulunkulu. Bamba inkomfa, ngokushesha.

99 Futhi ngenkathi kubanjwa lenkomfa, uNkulunkulu wama edwaleni, eceleni kukaMose. Futhi Wathi, "Yehla ubuyele ethendeni, Mose. Buyela emuva ngqo lapho oqale khona. NginguNkulunkulu. Yehlela lapho futhi ukhulume kubantu, ukuba bahambe baqonde phambili. Ngizoyenza indlela uma sekufika isikhathi sokwenza indlela. NginguNkulunkulu owenza indlela."

100 UMose, emva kokuba sekuphele inkomfa, futhi wakhishwa eBukhoneni bukaNkulunkulu, enomyalo wokuhamba aqonde phambili, wahamba wehla wayesethi, "Ungesabi, Israyeli. Yima uthule, namuhla, futhi ubone Amandla kaNkulunkulu wethu. Hamba uye ngasolwandle. Ungagudluki emyalweni. Umyalo uthi, 'Hamba uqonde phambili!' Izwe lesithembiso lingelethu. Lesisitha sisendleleni yethu, sisinqamulile. Kodwa uNkulunkulu uthe, 'Hambani niqonde phambili!' Yibani lokhu nihamba."

101 Yileyo indaba ngebandla namhlanje. UNkulunkulu uyakubiza, futhi Ufuna ukukupha isipho emva kwesipho, namandla emva kwamandla, nomusa emva komusa. Kodwa wena uyazihlela, manje-ke, "Angikwazi ukuqhubeka, ngoba ibandla ngeke lingivumele." Niyabo? Ayikho indawo yokuma kuNkulunkulu, akukho-ndawo yehlelo. Akukho-ndawo yemigomo eyizitandathi ezithize. Into okuyiyona yona ngukuthi, ngukuhamba uqonde phambili. Khuluma iZwi likaNkulunkulu futhi uhambe uqonde phambili. Vele nje ube ulokhu uhamba. Qhubeka uhambe. UNkulunkulu uthi kulungile, kulungile. Unawo umyalo wakho.

102 Uma bethi, "Awu, ngaya ebandleni lami, futhi bangitshela ukuthi bengingafanele ngiye kulelotabernakele. Sengidideke ngaphela manje, ngokuthi ngabe ngifanele ngibe noMoya oNgcwele, noma qha."

103 Isithembiso ngesenu. "Sikini, nakubantwana benu, nakubo okude, iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

104 Ini? Khuluma iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu washo njalo. Hamba uqonde phambili. Uqaphele isitha sihlakazeka. Uqaphele uLwandle oluBomvu luvuleka. Yiba nenkomfa. Hamba uqonde phambili. Impela, luzovuleka. UNkulunkulu uyindlela yokuphunyuka. Wenza indlela, eqonde ngqo ezweni lesithembiso. Noma yini eyayisendleleni yaKhe, Wayigudluza wayisusa endleleni. Uma noma yini ingena endleleni yakho, khona-ke yiba nenkomfa noNkulunkulu. Ixoxisane naYe, bese uqhubekela phambili.

105 Yilokho uNkulunkulu akushoyo kuIsaya lapha. "O, unesono. Izono zakho zinjengokubomvu tebhu. Awuzi ngani siyithethe indaba na? Awuzi ngani futhi ukuxoxe naMi na? Umusa waMi wanele."

Inkomfa yasoLwandle oluBomvu.

106 Eminyakeni emininingi edlule kwakukhona enye inkomfa, ngithanda ukukhuluma ngayo umzuzwana nje. Leyo kwakuyinkathi yesikhathi soMkhosi kakhisimuzi esingena kuso manje, noma ngabe kuyobakhona uKhisimuzi, noma qha. Kodwa kwakukhona inkomfa eyenziwa eZulwini, ukuthi lelicebo lokuhlenga lalizoba yini. Futhi kwanqunywa nguNkulunkulu, ukuthi Wayezoba nguMuntu, ukuthi Wayezokwehla futhi athathe isiqalekiso saKhe uQobo phezu kwaKhe uqobo. Kwakungeke kube kuhle ukuba Yena athume iNgelosi. Kwakungeke kube kuhle ukuba Yena athume noma yimuphi omunye umuntu. Ngisho noma ngabe Wayenomfana, kwakungeke kube kuhle ukuba Yena athume umfana waKhe.

107 Bekungeke kube kuhle ukuba mina ngenze uJoseph ahlupheke ngezinto zokwahlulela kwami. Bekungeke kube ubulungiswa, ekwenzeni kanjalo. Uma ngikhiphe isigwebo sami sokwahlulela, ngifuna ukukuhlenga, into kuphela engingayenza ngukuba ngihlupheke ngakho, mina uqobo.

Lesi yisibonakaliso. Lowo ngumvimbo obulalayo kuSathane.

108 Manje, mfowethu oyiKatolika, kanti futhi nabaningi bamaProtestani bami, anginilimazi. Kodwa uma . . . Nizama ukwenza uJesu abe nguNkulunkulu omncane ngaphansi kunoNkulunkulu, niMenza uNkulunkulu omncane. Nijuqula izinyawo zaKhe, niMehlise abe ngaphansanyana kwekhanda likaNkulunkulu, futhi niMenze abe nguNkulunkulu omncane. Ninephutha kakhulu.

109 UJesu wayenguMuntu. Wazibiza Yena ngeNdodana yomuntu. Leso kwaba yisibhakela esibulalayo kuDeveli.

110 UDeveli uphakeme, wazakhela umbuso omuhle ukwedlula okaMikayeli. UKayini, indodana yakhe, wayefuna ukwenza ialtare elibukekayo, lonke lenziwe ngezithelo nezinto. UNkulunkulu akahlali kulolohlobo lobuhle.

111 Kodwa, uNkulunkulu, ukushaya ngesibhakela esibulalayo esonweni, bukani ukuthi Ufika kanjani. Wakhetha ukuthi Afike kanjani na? Kwabakhona inkomfa eZulwini. "Uzokwehla kanjani na? Uzokwenza kanjani, Baba," kwasho iziNgelosi.

112 "Ngizoba ngomunye wabo. Umthetho waMi wokuhlenga, ungukuthi, "IsiHlobo esisondele." Futhi Ngizofanele ngibe nguMuntu, uqobo lwaMi." Lokho ngukugadla okwashaya uSathane. Wazalwa! Wayengehla namaKherubi. Wayengehla ngezikhwelo zegolide. Kwakungabakhona amahubo aculwayo

emazulwini, futhi Wayengahamba aye emhlabeni, futhi axoshe yonke into. Kodwa ngenkathi Ebambe inkomfa, Wanquma ukuba eze njengeNgane.

113 KuIsaya 9:6, siyakuthola. "Sizalelwa uMntwana, siphiwa iNdodana; umbuso uyakuba-semahlombe aKhe; neGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onamandla, UYise ongunaphakade. Nokombuso waYo akuyikuphela."

"Lesi kuyakuba yisibonakaliso kuwe, iNgane," hhayi uNkulunkulu, "iNgane."

114 Bukani ukuthi Wazalelwaphi. Kwakufanele kunqunywe, enkomfeni, lapho Azalelwa khona, ukukuqinisekisa ukuthi WayenguMuntu. Wazalelwa esitebeleni. Wakhetha, esikhundleni so—somlindi wendlu yasebukhosini yamazinyo endlovu ukuba aMlethe, esikhundleni sokuphelekezelwa yiNgelosi, esikhundleni samaKherubi aphenduphendukayo, nobu—nobukhazikhazi baseZulwini, Wazinamathelisa Yena, wazifaka Yena esitebeleni, phezu komquba wezilwane, uthuli nokungcola kwezwe. WayenguMuntu. Wayengemncane kunoNkulunkulu. WayenguMuntu. Wazalwa njengoba sizalwa, ngamahlaphahlapha okuzala, uphuma esizalweni sowesifazane. Hhayi uNkulunkulu; uMuntu! Wayengelutho, futhi, akumangalisi, iNdodana enkulu kunawo onke!

115 Niyabona emihlanganweni, isibonakaliso sokwahlulela ngokubona okufihlakeleyo, uBukhona bukaNkulunkulu ophilayo. Niyazibona izibonakaliso ndawo zonke, zaKhe. Kodwa ake ngisho lokhu kuwe, mfowethu, dadewethu. Sasingakaze sibekhona isibonakaliso, esethusa kangaka, njengesibonakaliso iziNgelosi ezatshela umelusi wezimvu, "UyoMfumana esitebeleni, esongwe ngembeleko." Futhi ningabona ukuthi uNkulunkulu uyini. Yilokho-ke. Kuyangishaqisa, namhlanje.

116 Kungani imvuselelo ize edolobhaneni, lomvangeli othize owaziwayo, kuhambe nomkhulu oqotho, imeya yedolobha, nabo bonke abaqotho, noma abagqoke kahle, nompofu athi ukubukelwa phansi na? Futhi nikhuluma ngomunye umfundisi onemfundo ethize enkulu, ongakhuluma amagama amahle kakhulu avele nje akitaze ukuqonda kwakho, namagama amakhulu ompofu angeke aze awaqonde, futhi nonke lokho nikubiza ngokuthi kukhulu.

117 Aniboni yini ukuthi uNkulunkulu usekuzithobeni na? "Lokhu kuyoba yisibonakaliso. INgane iyobe isongwe ngembeleko, futhi ibekwe emkhombeni, emqubeni wezinkomo nezimvu." O, he! Leso yisibonakaliso. "Lokhu kuyakuba-yisibonakaliso kuwe. Uyofumana iNgane lapho."

118 Izikhathi eziningi, abantu bayacabanga, "Kwelincane, itabernakele elidala eseligugile, abashumayeli abathize okul'khuni ukuthi bazi noABC babo, izigebengu nogweva,

nakho konke okunye, baphenduka, bengenamfundo, futhi basebenzisa ukukhuluma kwabo kwaseningizimu njengabakhe o, 'hain't, nothatha, notote, nolanda,' awusoze umthole uNkulunkulu lapho."

119 Kodwa yilapho oMfumana khona, esongwe ngembeleko, ukuthobeka. Nicabanga ukuthi ufika ngendlela ethize enkulu. Uma nifuna ukubamba inkomfa yenu yangempela noNkulunkulu, tholani isigejane sabantu abanjalo, bese nikuxoxisana. Ningawubona umsebenzi kaNkulunkulu, ukuthi wakwenza kanjani ukuthi Angathathi umqophi othize, ingcweti ethize enkulu nento ethize, futhi ayinike inkulumo yobuhlakani. Kodwa Wathatha into eyayingelutho, wehla njengoba Enza endaweni yokuqala.

120 Omunye wathi, esikhathini esingeside esedlule, "Uma lokhu ukukwehlukanisa kokubona okufihlakeleyo nalokhu ukuphilisa, nokunjalo, kwakungokukaNkulunkulu, ukubusa ezindabeni ezingcwele kweKatolika kwakuyoba nakho."

121 Kwakwenziwa yini ukubusa ezindabeni ezingcwele kwamaJuda zingabi nakho na? Akuzalelwanga endlini yobukhosi. Kwazalelwa esitebeleni. Wayengenazo izingubo zomsebenzi wenalithi, angazigqoka, kodwa izidwedwe ezisuswe ngemuva ejokeni lenkabi. Elele phezu kwenqwaba yomquba; iNdodana kaNkulunkulu, itabernakele uNkulunkulu ayehlala kulo. Wanquma ukuza kanjalo-ke. Futhi thina size sibe nokhololo ababhekiswe emuva namajazi ayimijiva anemisila, namakhulu, amasonto amahle nemibhoshongo yegolide. "Lesi kuyakuba-yisibonakaliso. NiyakuMfumana esembelekweni, esongwe ngembeleko, futhi elele emkhombeni. Naso isibonakaliso kini."

122 UNkulunkulu uhlala ekuthobekeni. Hhayi emvunulweni yobukhosi; lokho njalo bekungumqondo kaDeveli. UNkulunkulu ufika angene ekuthobekeni. "Leso kuyakuba-yisibonakaliso." Hhayi uNkulunkulu omncane, kodwa uMuntu. UMuntu! Wakhala njengengane, ngenkathi EseyiNgane. Wadlala emigwaqeni, njengomfana, ngenkathi EsenguMfana. Wasebenza esitolo sokubaza noJosefa, njengoMuntu emsebenzini. Uyadla ngenkathi Eselambile. Wayejuluka uma Ezwa ukushisa. Wakhala ngenkathi Enokudabuka. WayenguMuntu.

123 "Lesi kuyakuba-yisibonakaliso kini. UNkulunkulu uyakuhlala kini, kwethobekile . . ." Hhayi komkhulu, umuntu omkhulu oqholoshayo, kodwa omncane, uMuntu ophansi engenalo imuva. Isibonakaliso! Lokho kungukugadla okubulalayo kuDeveli, khona lapho. Lokho kungukugadla okubulalayo kuwo onke amahlelo nokuvunula, nakho konke ukuvunula nenkazimulo yalelizwe. Kungukugadla

okubulalayo, ukuthi uNkulunkulu waseZulwini wakhetha ukufika ngaleyondlela.

124 Yilokho okwenzekayo enkomfeni. Kwakufanele kunqunywe. Yileyondlela Akhetha ukufika ngayo. Wayengadingekile ukuba afike ngaleyondlela. WayenguNkulunkulu waseZulwini, kodwa Wakhetha ukufika njengeNgane. Wakhetha ukufika ngaleyondlela. Yilokho okwenzeka enkomfeni yaseZulwini.

125 Ake ngibize enye nje, noma ezimbili, izinkomfa. Ake ngibize lena. Kwakukhona isikhathi . . . emva kwempilo ephelele engamashumi amathathu-nantathu nengxenye yeminyaka eyayiphiliwe. UMuntu owayefuna ukuphila kakhulu njengoba nami ngifuna ukuphila, kakhulu njengoba nawe ufuna ukuphila. UMuntu Owayenento afanele ayiphilele, abazalwane Ayebathanda, abantu Ayebathanda, ukushona kwelanga Ayethanda ukukubona. Khumbulani, uJesu wayenguMuntu. UNkulunkulu wayekuYe.

126 Nakho kufika isikhathi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . UMoya owawuhola iWundlu, iJuba.

127 Kwafanele ukuthi kubekhona inkomfa phakathi kweWundlu neJuba. Futhi babumba indawo yokuwubeka. Emva kokudla kwakusihlwa ngalobobusuku, bawela emfudlaneni, iKeriti, futhi, noma ndawo ndawo. Futhi bawela umfudlana, futhi bangena ensimini ethiwa yiGetsemane. Babefanele babenenkomfa. UNkulunkulu noKristu babefanele bakuxoxisane. IWundlu neJuba babefanele bahlale ndawonye. KwakuyiJuba elalifanele likhulume neWundlu, futhi kwakuwukufa kweWundlu.

128 Manje, lapho behlala ngakulelodwala, nazo zonke iziNgelosi zehla zivela eZulwini, ukuba zizolalela lenkomfa. O! Kwakukhona uGabriyeli, uMikayeli, uWoodworm, zonke izinkulungwane zazo, zihlezi zizungeze idwala.

129 Wathi kubafundi baKhe, bekhandlekile, babekade benenqwaba yemihlangano emikhulu, ekhathele, mhlawumpe njengoba ninjalo kulokhu ukusa. Kodwa Wathi, "Beningelinde naMi ihora libe linye nje na? Ngoba Ngifanele ngiye ngaleya futhi ngibe nenkomfa. Ngifanele ngihambe ngedwa." Futhi ngenkathi be . . .

130 Inkomfa eyahlelwayo. NeWundlu, eliselincane, ukuphila okuhle, akukho neze ukuphila okufana nalokho. Akukaze kubekhona, akusoze kubekhona, ukuphila okufana nalokho iWundlu elalinakho. Kodwa manje uBaba wathi, "Uyavuma na? Ngabe uthando lwaKho ngabazalwane baKho lukhulu ngokwanele na? Ngabe uthando lwaKho ngalelo elinesono, izwe elinukayo Owazalelwa kulo, Ubathanda ngokwanele ukuba Ulahlekelwe amalungelo okuphila kwaKho na? Ubathanda ngokwanele ukuba uthathe indawo yabo, ukuba uthwale izono zabo, uye kokunzima kunakho konke, ukufa okubucayi

na?" U...Kwakungekho lutho okungafa lolohlobo lokufa ngaphandle kwaKhe.

131 Futhi kuleyonkomfa, isinqumo esinjalo senziwa, iGazi laze laconsa eshiyeni laKhe. Wayephansi kobunzima. Izono zezwe siphezu kwaKhe. Wase-ke Ebuka ebusweni beJuba, wayesethi, "Akungabi yintando yaMi, kodwa mayenziwe intando yaKho."

132 O, singabanaso yini lesosinqumo ezinhliziyweni zethu kulokhu ukusa na? Ningalahlekelwa yini yilungelo lalokho okuncane, ukuphila okungcolile kwenu na? Niyavuma yini ukubuka ebusweni baKhe bese nithi, "Akungabi yintando yami"? "Ngiyisidakwa, kodwa ngeke ngisaphuza. Ngingumgembuli; ngeke ngisaphuza. Ngingongenasimilo, kodwa ngeke ngisaba yileyondlela. Ngingumqambi-manga, kodwa ngizowayeka namhlanje. Ngingumuntu ongcolile. Kodwa kulenkomfa, kulokhu ukusa, ngizobuka ebusweni baKho, bese ngithatha, njengeNkosi yami Eyangifela, ukuba ngicacise indlela yami, 'Akungabi yintando yami; intando yaKho.' Uma kungibiza ikhaya lami. Uma kungibiza umyeni wami, umkami, ubaba wami, umama wami, inhlanganyelo yami, ubulunga bebandla lami, noma ngabe kungibizani. Kulenkomfa, kulokhu ukusa, ngithi ngifuna uMoya oNgcwele waKho uhlale kimi. Ngizwile ngaWo. Ngifuna Wena ube kimi. Hhayi eyami, kodwa eyaKho. Leso yisinqumo sami." UNkulunkulu ubize indawo, hhayi phezu kwethize ephakeme, indawo eyisiqongo, kodwa itabernakele elithobekileyo elincane eselicishe liwele ngaphakathi. Sinenkomfa.

133 Ake ngikhulume ngenye futhi inkomfa lapha, umzuzwana nje. Ziningi okungafundiswa ngazo. Kwakukhona inkomfa emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka. Kukhona into eyayifanele yenziwe. Kwakukhona amadoda ayenomqondo wokuhlakanipha, ngakho kwabakhona enye inkomfa enkulu eyahlelwayo. Siyayazi, eBhayibhelini, njengePentekoste.

134 Babefanele babenenkomfa. Futhi kukhona okwakufanele kwenziwe, ngokuba uJesu wathi, "Ningabe nisashumayela. Ningabe nisahlabelela. Ningabe nisaphuma niyokhonzisa. Kodwa ngifuna inkomfa nani. Futhi kulenkomfa, Ngizoletha uMoya oNgcwele. Kodwa yenyukelani emzini waseJerusalema, futhi lapho nilinde ngize Ngibuye. Ngifanele ngenyukele eZulwini, ukubenza bathokoze. Futhi Ngifanele ngenyukele e—esiHlalweni sobukhosi soMkhulu," umzimba, uJesu, "kodwa Ngizo...Sizoba nenkomfa phezulu Lapho. NoNkulunkulu ohlala kiMi wethembise ukuthi Ngingabuya futhi, futhi Ngiyoba kini; ngibe nani, ngibe kini, ngisho nasekupheleni kokuphelelisa, izwe. Kuze kuphele konke, Ngiyakuba nani. Nemisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza."

135 Ngakho babengazi ukuthi babeyoke bakwenze kanjani lokhu, ngakho baya ePentekoste, futhi ikhulu namashumi

amabili lahamba layongena ekamelweni eliphezulu lase livala umnyango, futhi balinda futhi balinda.

136 Inkathazo ngathi, uma singatholi i—izethameli zibe noNkulunkulu emizuzwini cishe eyishumi, sesikhathele, amadolo ethu ayathunukala. Sesifuna ukuhamba. Uma Engasiphenduli ngalokho nje esikufunayo, indlela esicabanga ngayo, siyaMcasukela, "O, wozani, sithethe indaba."

137 "Yenyukelani ePentekoste. Ngifuna ukuthetha indaba nani. Yenyukelani lapho nje futhi nilinde."

138 Izinsuku eziyishumi, babekade behlezi, bemile, bekhuleka, yonke into, belinde isithembiso. "Futhi kwathi khona-manjalo, imiphumela yenkomfa eZulwini yehla, uMoya oNgcwele, kungathi wukuvunguza komoya onamandla, futhi Wagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo. Bagcwala uMoya oNgcwele." Futhi bahamba baqonda phambili, beshumayela iZwi.

139 Uma sinezinkomfa zezwe, ngokwejwayelekile babanendawo yabo ekhethiwe. Futhi benzani kulenkomfa na? Baphuza odrinki, utshwala obuyingxubevange. Babhema izigazu nosikilidi. Baqambelana amanga, futhi bakhohlisane, nezinkulumo zokuthula zezwe.

140 Kodwa uma uNkulunkulu ebiza inkomfa, ngukuzila ukudla, ukuhlanzisisa, umkhuleko, ukwemukela iziyalo, nokuhamba uqonde phambili. Leyo yinkomfa kaNkulunkulu. Hhayi ukuzitika ngedili, kodwa ukuzila ukudla. Hhayi ukuncengana ekungcoleni, kodwa ukwehlukanisa, ukuzihlanza wena uqobo kukho konke ukungalungi, uma uya phambi kukaNkulunkulu. Uzihlanza wena uqobo ngokukholwa, ngokusebenzisa ihisopi eGazini nokuhlanza inhliziyo yakho, futhi uhamba phambi kukaNkulunkulu, okwenkomfa. Yilezozinhlobo zezinkomfa uma uhlangana noNkulunkulu, bese-ke uNkulunkulu ekunika iziyalo. Bese-ke uqhubekela phambili, Uhamba nawe.

141 Ziningi izinkomfa ezinkulu ebesingacabanga ngazo. Kodwa isikhathi ngeke sivume. Ibekhona inkomfa kamuva.

142 Kwakukhona inkomfa ngezinsuku zikaMartin Luther, enguqukweni. UNkulunkulu wabiza uMartin Luther, ukuba ahambe ayoshumayela ukulungisiswa, futhi wakwenza.

143 Kwakukhona inkomfa eyabanjwa ngezinsuku zikaWesley, eNgilandi, ukushumayela ukungcweliswa, futhi njengoba uWesley afakaza.

144 Ngaligqoka ibhantshi lakhe, ibhantshi lokugcina ayeligqokile, ingubo eshaya phansi. Ngama epulpiti lakhe lapho ayeshumayela khona emakhulwini ayishumi nanhlanu njalo ekuseni ngelesihlanu nqo. Waguqa ekamelweni wabonga uNkulunkulu ngempilo yakhe, lona impela ikamelo afela kulo. Phakathi lapho, uMoya phezu kwami, ngacabanga, "Yebo, uWesley wayeyiqiniso."

145 IziNgelosi zikaNkulunkulu ezingcwele, noNkulunkulu, wabamba inkomfa, ukuthi kwakuyisikhathi sokushumayela ukungcweliswa, futhi bakhetha uWesley. Futhi wayeqinisile kukho.

146 Manje-ke sekufika amaPentecostal. Kwakuyisikhathi sokubuyiselwa kwePentekoste. Kwakukhona inkomfa eyayibanjwe eZulwini. "Ngabe yisikhathi sokuthulula ukugcwala kukaMoya na?" Futhi Wehla, futhi baWushumayela. Futhi sinaWo, futhi semukele uMoya oNgcwele.

147 Manje ngikholwa ukuthi sikwenye inkomfa, okungukuthi, ukuFika kweNdodana kaNkulunkulu. Wathi kubafundi baKhe, "Angiwazi umzuzu noma ihora; akekho owaziyo, azazi ngisho neziNgelosi. Kodwa kuyobakhona inkomfa ngolunye usuku," ngeny'indlela, "noBaba uyonquma ngalowomzuzwana ukuthi Ngiyobuya." Ngikholwa ukuthi inkomfa iyaqhubeka. Izinqumo siyenziwa.

148 UMoya waKhe uza emhlabeni, ngamandla amakhulu, Uyoze ume ebandleni, wehlulele imicabango yengqondo. Njengoba iBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu liphilile kakhulu, linamandla kakhulu kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lihlaba kuze kube semnkantsheni wethambo, futhi linguMahluleli wemicabango yenhliziyo."

149 Lapho uFiliphu efika futhi waphenduka, futhi wahamba wathola uNathanayeli. NoNathanayeli walethwa, iJuda, phezulu phambi kukaJesu. Futhi wayekade emtshela ngaYe, uthi, "Awu, Nathanayeli, ngani, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, umdobi omdala ongafundile ufika kuYe, futhi Wayazi. Wambiza ngegama lakhe, wamtshela ukuthi wayengubani. Awazi yini, lowoMesiya umprofethi wakithi athi wayezofika, awuqondi yini ukuthi lowo Mesiya wayezoba umprofethi, umProfethi-Nkulunkulu na? Nango. NguYe lowo."

150 Kufanele ukuthi uNathanayeli wathi, "Angikukholwa lokho. Ngizohamba ngiyozibonela mina." Kodwa lapho ehamba eyongena eBukhoneni bukaJesu, uJesu wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye."

151 Futhi ngenkathi Enza lokho, wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

152 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

Wathi, "UyiNdodana kaNkulunkulu Wena. Uyinkosi kaIsrayeli."

153 Ngenkathi, owesifazane waseSamariya, enamadoda amahlanu, ufika kuYe. Futhi wathi . . . Ngenkathi eqala ukukha amanzi akhe, walibona leliJuda, lihlezi. Wathi, "Ngiphuzise."

154 Niyabo, Woma, njengoMuntu. WayenguMuntu. Emzimbeni waKhe, WayenguMuntu. EMoyeni, WayenguNkulunkulu.

"UNkulunkulu wayehlala kuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe."

Wathi, "Ngiphuzise."

155 Wathi, "Ngani, akusilo isiko." Ngamany'amazwi, "Sinokwehlukana. Ubungafanele ungibuze lokho."

Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye."

156 O, angazi, kulokhu ukusa, uma sazi ukuthi kukhonani kulendlu. Ukuba kuphela besazi ukuthi uMoya oNgcwele, Yena uqobo, Lowo ozosifakazela noma amelane nathi, ngoSuku lokwaHlulela, ukhona lapha endlini, futhi uyayazi imicabango yethu.

157 "Ukuba kuphela ubuwazi ukuthi Ubani lo obekhuluma nawe, ubuyocela kiMi amanzi."

Wathi, "Umfula ujulile."

158 Waqhubeka ekhuluma naye waze Wawubamba umoya wakhe. Futhi Wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginayo."

159 Wathi, "Usho kahle. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

160 Wathi, "Nkosi, ngiyabona Ungumprofethi wena. Manje siyazi, uma uMesiya efika, Uyokwenza lezizinto. Kodwa Wena Ungubani na?"

161 UJesu wathi, "NginguYe." O, he! "NginguYe, okhuluma nawe." UMuntu nje, ecela amanzi, hhayi into ethize enkulu enezimbali evela eZulwini. Hhayi isiHlalo sobukhosi esiMhlophe sihlezi lapho, kodwa uMuntu. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] Ecela ukuphuza amanzi, ukucima ukoma kwaKhe! "NginguYe okhuluma nawe."

162 Futhi wagijima waya emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele engikwenzile. Akusiso isibonakaliso sikaMesiya leso na? Akusuye Lowo na?"

163 Yena Lowo okuprofethwe ngaye, nabaprofethi emuva eTestamenteni eLidala. Wathi, "Kuyoba wusuku lapho okuyothi ngokunye bavele nje bajoyine ibandla, futhi baye ebandleni futhi babengabantu abahle ababukekayo. Futhi bayoba nezinhlangano nezinto. Kuyoba wusuku olukhwantabele, okungemnyama lungabi ukuKhanya. Kodwa ngesikhathi sokuhlwa, kuyoba ngukuKhanya." Lezoziprofetho zifanele zigcwaliseke.

164 Niyakhumbula, izolo ebusuku, inkomfa yethu iseZulwini? UNkulunkulu wayekhuphule zonke iziNgelosi, macala onke, ukubamba inkomfa, Owayekwazi ukwenza izwi lababprofethi lifezeke, ukhipha uElija . . . noma ngiqonde uAhabi phandle lapho, ukuba ambulale.

165 Manje kukhona inkomfa eqhubekayo eZulwini. IziNkanyiso zakusihlwa zilapha. Amabhomu e atomu nezinto alenga ndawo zonke, futhi sisesikhathini sokuphela. Izinkomfa zezwe isifike ekupheleni. Isikhathi senkomfa kaNkulunkulu siyeza. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] LamaZwi afanele agcwaliseke kwabeZizwe. [UMfowethu Branham ushaya kasishiyagalombili.] "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Isikhathi silapha. Inkomfa ibanjiwe. UMoya ulapha.

166 Manje, mngani, sengivala, ngisho lokhu. Nisenkomfeni, kulokhu ukusa. Nikuyo. Necala lenu selilungele ukunxuselwa. Icala lenu—lenu lokugula selilungele ukunxuselwa phambi kukaNkulunkulu onesihawu. Icala lesono senu selilungele ukunxuselwa phambi kukaNkulunkulu onesihawu, futhi qinisekani ukuthi niyakwemukela.

167 Ngokuba, ake nginitshele, ngizokhuluma ngenkomfa yokugcina eyoke ibanjwe. Nkulunkulu yiba nesihawu. Into kuphela eyoma Lapho: nibuyisene. Lokho ngukwaHlulela. Nento kuphela eniyobuyisana ngayo, kulapho uma sewemukele iGazi likaJesu Kristu, njengesixolelo senu, futhi wagcwaliswa ngoMoya waKhe. Kukhona inkomfa lapho khona bonke abantu beyohlangana khona, bonke abesifazane beyohlangana khona, bonke abantwana beyohlangana khona. Kukhona indawo ekhethiwe lapho leyonkomfa iyobanjelwa khona, futhi kuyobakhona isiHlalo sobukhosi esiMhlophe esiyobekwa. UNkulunkulu ubavumele abaprofethi baKhe ukuba babuke phakathi, base bethi, "IziNcwadi zavulwa, nenye iNcwadi, eyiNcwadi yokuPhila. Izinkulungwane eziyishumi eziphindwe kazinkulungwane eziyishumi zabefundisi neziNgelosi ziyaMkhonza."

168 Manje-ke, kwakulotshiwe, "Uma olungileyo esindiswa kalukhuni, uyakubonakalaphi oyisoni nongamesabi uNkulunkulu na?"

169 Kuyoba kuphi ukuma kwakho kulenkomfa yakho na? Ungahle ukuba uzedlule zonke, kusukela phansi empilweni yakho. Ungaphuma kulomnyango, kulokhu ukusa, futhi wedlula lena. Kodwa, mngane wami, awusoze wayedlula leyo. Uzoba Lapho. "Ngokuba kwamiselwa kumuntu ukuba afe kube kanye, kepha emva kwalokho ngukweHlulelwa." Kuyobakhona inkomfa enkulu lapho esiyoma khona sonke ndawonye. Futhi siyozilanda ngokwalokhu ukusa, ngalenkomfa yasemhlabeni esiyibambe kulokhu ukusa.

170 Uma uyisoni, yemukela isihawu saKhe sisakhuleka, njengoba nikhothamisa amakhanda enu.

171 Ngaphambi nje kokuba sikhuleke, futhi nina enikhothamise amakhanda enu, angazi, kulokhu ukusa, kuhleziwe kulenkomfa, uma uMoya oNgcwele ungazange usho kuwe, "Unecala."

Futhi mhlawumbe uthi, "Moya oNgcwele, Uyabo, ku*nje*."

172 Yilokho okwashiwo uMose enkomfeni yasoLwandle oluBomvu. "Kunjengalokhu, Nkosi. Sengize ngafika lapha, kodwa ngeke ngisaqhubekela phambili. Kukhona okusendleleni yami."

173 Kungahle kubekhona okusendleleni yakho. Kodwa, khumbula, uNkulunkulu watshela uMose, "Hamba, ukhulume kubantwana bakwaIsrayeli, futhi uqhubekele phambili."

174 Ungathanda ukukhunjulwa ngezwi lomkhuleko, ungaziphakamisa nje izandla zakho bese uthi, "Ngikhulekele, mfowethu." UNkulunkulu akubusise. He! Yonke indlu, amadazini ezandla.

175 Baba waseZulwini, ngaleliphimbo elephukile elithe ukuvithizeka, ngenxa yokushumayela, kodwa ngandlela-thize, ngokunye, uMoya oNgcwele omkhulu unike abantu umcabango obuqondiwe. Ngenkathi, umprofethi wathi, "Wozani-ke, asithethe indaba, isho iNkosi."

176 "Manje wozani, asibambe inkomfa yilowo ngamunye, khona impela esihlalweni lapho esihlezi khona. Ngihlezi lapha, eceleni kwenu. Ngikhuluma kini."

177 "Kodwa, Nkosi, ngonile," kusho isoni. "Ngenze okuningi kakhulu. A—angikholwa ukuthi Wena ungangithethelela. Nkosi. Ngiyisidakwa. Ngiyisifebe. Ngiyi, o, umuntu onesimilo esibi. Angikholwa, Nkosi, liyobakhona ithuba kimi."

178 Bese-ke sizwa amaZwi amnandi ebuya, "Noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyokuba-mhlophe njengeqhwa. Noma zibomvu njengokububende; kuthathwa izingane ezincane zingakazalwa, ne—nezinto ebiyesabeka. Noma zibomvu njengokububende, ziyakuba-mhlophe njengoboya bewundlu." Isihawu esinje pho! "Asithethe indaba," usho uNkulunkulu manje.

Masize, sibambe lenkomfa, Nkosi.

179 Futhi Ukhuluma kubantu baKho. Baphakamisa izandla zabo, lokho kukhombisa ukuthi Uhlezi eceleni kwabo. Ngokuba kulotshiwe emBhalweni, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nakho konke lokho uBaba aNgipha khona kuyakuza kiMi. Futhi NgiyakuBapha ukuPhila okungunaphakade, futhi ngibavuse ngoMuhla wokuphela."

180 Manje kuphe, Nkosi, ukuthi ngamunye abaphakamise izandla zabo, nalabo abangaziphakamisanga izandla zabo, noma ngabe zikuphi izinkomfa zaKho ezincane ngayinye zibanjelwa kulendlu manje nje, nabantu, kwangathi bangemukela umusa waKho oxolelayo futhi bagcwaliswe ngoMoya waKho, futhi begezwe eGazini laKho. Futhi ekupheleni kwendlela, kwangathi Wena ungathi, "Kwenziwe kahle, nceku yami enhle, ethembekile. Wethembeka ngalokho

kusa, eMgwaqeni uEighth noPenn, manje ngena ezintokozweni zeNkosi, okulungiselelwe wena selokhu kwasekelwa izwe."

181 Nkosi, Nkulunkulu wami noBaba wami, ngibanikela kuWe. Akukho okunye engingakwenza. Ngingumshumayeli waKho nje, futhi akukho okunye engingakwenza. BangabaKho. Yenza kubo, Baba, ngokwezidingo zabo, zenhliziyo yabo. Sibavumela... noma sibanikela kuWe, eGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu. Amen.

182 Uma nake naqaphela, etabernakele, angibavumeli abantu ukuba bahambe badonsele abantu e altare. Angikholelwa kulokho. Uma uNkulunkulu enganilethi, ngeke kumsize ngalutho omunye umuntu ukuba akwenze. "Akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi. Nakho konke lokho uBaba..." NoBaba uyakumdonsa ngoba igama lakho liseNcwadini yokuPhila yeWundlu. "Nakho konke lokho ANgiphe khona kuyakuza kiMi." Noma ngabe usesihlalweni sakho, e altare, noma ngabe ukuphi, uyoza. Yiqiniso impela lelo. UJesu washo njalo.

183 Ngakho manje, nina-bantu abathandekayo eniphakamise izandla zenu, isinyathelo senu esilandelayo sokuba nisithathe, uma ningakabhaphathizwa, ngukuba nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu. Leso yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, uDokotela uSimoni Petru, owayenezihluthulelo kuwo uMbuso, nokunitshela ukuthi kungenwa kanjani.

184 Ngosuku lwePentekoste, bathi, "Sifanele senzenjani ukuze sisindiswe na?"

185 Wathi, "Phendukani, yilowo nalowo." Yilokho nje enikwenzile. "Bese nibhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu," ukubonisa kubantu, nezwe, ukuthi niyakholwa (ukufa, ukumbelwa, ukuvuka kukaJesu Kristu) Wathatha izono zenu. "Khona-ke niyokwemukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, kubo abakude, labo iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Landelani lokho kuyala.

186 Uma kungesikho kulelitabernakele, etabernakele lapho eniya khona, ibandla eniya kulo, noma ngabe kukuphi, ningahlali ngaphandle. Ngenani masinya emzimbeni wamakholwa kamoya. Yanini kwi Assemblies of God, church of God, iPentecostal yoBunye, iPentecostal yobuBili, yobuThathu, noma kungaba yini. Angikhathali ukuthi niya kuphi, kodwa yiyani masinya ebandleni. Fakani inhlanganyelo yenu lapho. Uma befundisa izinto ezincane, mhlawumbe, eningazifundisi; ningasho ukuthi, "Awu, uMfowethu Branham akakufundisanga kanjalo." Awu, ningenzi-mehluko, empeleni. Uma ninoMoya

oNgcwele, qhubekani. Hambisanani nabo. Phushani niqhubeke. Sonke—sonke sizofika kokukodwa, empeleni.

187 Ngenkathi ithempeli likaSolomoni lisikwa, ezweni jikelele, lasikwa kulo lonke izwe, amatshe ahlukene abukeka exakile, nakho konke okunye. Kodwa lapho eqala ukuqoqana ndawonye, kwakungekho-msindo wesaha noma ukuzwakala kwesando. Iminyaka engamashumi amane ekwakhiweni kwethempeli, abazange bezwe nokukodwa ukushaya kwesando, noma owodwa umsindo wesaha. Onke ayesikwe kahle nje.

188 Onke lamabandla amakhulu, elinoMoya oNgcwele, ayohamba ndawonye ngqo angene ezindaweni zawo afithe ngokufanele, ngaloloSuku, eMzimbeni kaKristu, kwenzelwe uHlwitho. Ngakho nje yanini lapho bekholwa khona iVangeli.

189 Manje, bangane bami abayigugu, bengingazi ukuthi sengithathe isikhathi senu esiningi kangako. Angazi ukuthi sikhathi sini engifika ngaso. Ngabe beligamenxe elesishiyagalolunye noma eleshumi nqo, noma esithize na? Eleshumi. Angikwazi . . . Ngabe yileso, eside kangako ngempela na? Kube lukhuni ukuba ngikukholwe.

190 Sinesikhathi nje somkhuleko wabagulayo. Sibethembise lokho. Manje, umzuzu owodwa nje. Uma nje nizosinika imizuzu eyishumi nanhlanu. Nje . . . Ngikholwa ukuthi yimizuzu eyishumi nanhlanu lishayile, ngakho sizovele nje sithathe leyomizuzu eyishumi nanhlanu ngewashi lami. Lalelani. Akukho enye into . . .

191 Umsebenzi wakho wokuqala owumiselweyo, uma uthola ukugula, kusobala, uya kudokotela wakho. Wenza konke angakwenza. Uma kungasekho angakwenza, unelungelo lokuya kudokotela oyiS'pesheli. Manje, asimelene nawodokotela.

192 Nginabaningi abangane abangodokotela abahle kakhulu abangobhuti bami, amadoda akahle akholelwa kuNkulunkulu. Futhi ngiyabakhulekela, futhi ngisho nabo bayangikhulekela. Kunjalo. Bathola isiguli abangakwazi ukwenza lutho ngaso. Abaningi odokotela abakahle, kusobala. Ngiyaligodla igama labo. Mhlawumbe abagcwalisiwe ngoMoya oNgcwele nezinto, kodwa angamadoda alungileyo. Bathi, "Mfowethu Branham, akukho lutho engingakwenza ngalesosifo; uma uzosithatha."

193 Ngithi, "Sithumeleni. Ake ngi . . . Angikwazi ukukwenza. Ngizokuvumela kuJesu, ngikunikele kuJesu Kristu, ngidedele Yena akwenze." Niyabo? Ngakho kuhle lokho.

194 Kodwa, bukani. Uma kukhona noma yikuphi ukuphilisa okwenzekayo, uKristu kuyoba nguYe okwenzayo. Udokotela angakususa okuyisithiyo, akhiphe izinyo, noma—noma asike akhiphe indawo, akhiphe iaphendiksi ithumba elimila kupopopo, athathe, asike akhiphe umdlavuza, asike akhiphe insumpa, noma ahlinze; noma okwenye into, afake uphoyizeni kuwe, ukuba abulale amagciwane. Kodwa akekho

ongaphilisa ngaphandle kukaNkulunkulu, ngoba kufanele kube ngokudaliweyo, kubuye kukhule. Futhi akukho-muthi ongadala. Niyabo? Munye uMdali, lowo nguNkulunkulu. Manje-ke, amaHubo 103, niyabo. Yonke imiBhalo iqinisile. "NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho owelapha zonke izifo zakho." Lokho akusho khona ukuthi udokotela akanayo ingxenye kuso. Yebo, unayo. Uma ngephuka ingalo, umsebenzi wami ngukuba ngiye kudokotela owaziyo ukuthi ifanele imiswe kahle kanjani leyongalo, kodwa angeke ayiphilisa leyongalo. Kuphela angayimisa kahle, abuyisele amathambo endaweni. Bese-ke uNkulunkulu efaka isakha-mathambo ikhalsiyamu njalonjalo, bese edala into uqobo lwayo, leyo ngaphakathi engalweni yami, ebuye ikuhlumise kuhlangane. UNkulunkulu ungumphilisi. Niyabo?

195 Manje, kade sishumayela kuleliviki. Isiko lamaJuda labantu, ngesikhathi samaJuda, kwakungukuhamba, babeke izandla phezu kwabagulayo. Yilokho ayekwenza. Yonke into kwakungubekwa izandla. Kwakuyisimiso samaJuda. Kodwa akuzange kube ngaleyondlela kwabeZizwe, akuzange. Ngenkathi indodakazi kaJariyu, umpristi oyiJuda, ngenkathi ifa, wathi kuJesu, "Woza, ubeke izandla zaKho phezu komntanami uzophila. Beka izandla zakho phezu kwakho."

196 Kodwa ngenkathi Eya enduneni yekhulu engumRoma, yathi, "Angifanele ukuba ungene phansi kwendlu yami. Yima phandle lapho Okhona, futhi ukhulume iZwi nje." Yaliqonda igunya uJesu ayenalo. Yathi, "Ngingumuntu ophansi kwamakhosi, ngine. . ." Yayiyinduna yekhulu. Kwakusho—kwakusho ukuthi amadoda ayikhulu ngaphansi kwayo. Yathi, "Uma ngithi kulendoda, 'Yenza *lokhu*,' iyakwenza. Naleyondoda, 'Yenza *lokho*,' iyakwenza." Yathi, "Futhi Wena unegunya phezu kwazo zonke izifo, nakho konke ukuhlupheka, nakuyo yonke into. Zonke zisekulayeni kwaKho. Wena unguMlayi omkhulu." O, ngiyakuthanda lokho.

197 Lokho kwaze kwathinta ngisho inhliziyo kaJesu. Futhi Waphendukela ngaleyonkathi, kubantu abangamaJuda, Wayesethi, "Angizange ngifumane ukukholwa okunjalo kwaIsrayeli."

198 Owesifazane waseSirofenike, umGreki wabeZizwe, uza kuYe wayesethi, "Nkosi, nginomntwana olele phansi lapha, uDeveli amhlupha ngokunhlobonhlobo." Cishe mhlawumbe wayenesithuthwane noma uhlobo oluthize lokuhlanya. Wathi, "Usesimweni esibi kabi. Ungamphilisa na?"

199 Futhi Wavivinya ukukholwa kwakhe. "Ngani," Wathi, "akusikho ukudla ukuthatha isinkwa sabantwana usinike izinja." Embiza ngenja. Futhi ngalezozinsuku, inja yayingenye ye. . .cishe ifane nengulube, into eyayibukelwa phansi kunakho

konke okwakukhona. Wathi, "Akusikho ukudla ukuba Mina ngithathe isinkwa sabantwana, futhi ngisiphe nina zinja."

200 Wathi, "Yiqiniso lelo, Nkosi." O, ngiyakuthanda lokho. "Yiqiniso lelo." Wathi, "Kepha, Uyazi, izinja, phansi kwetafula, zidla imvuthuluka yabantwana." Lokho kwaMthinta.

Washo, njengoba wenza ngoluny'usuku, Hattie, into efanele.

201 Waphenduka Wayesethi, "Ngenxa yalelizwi, idemoni seliphumile endodakazini yakho." Akadingekanga ukuthi aye kuye bese ebeka izandla phezu kwakhe.

NgoSuku lwePentekoste, ngenkathi uMoya oNgcwele wehla . . .

202 UFiliphu wehlela eSamariya. BabengamaJuda ingxenye, ngakho, ngenkathi ehla, wadingeka ukuba abeke izandla phezu kwabo, ukuba bemukele uMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele wayengakehleli nakoyedwa wabo, nokho, ngakho bathumela enhla base bethola uPetru. Babekade bebhaphathizwe eGameni likaJesu, ngakho benyuka base bethola uPetru noJohane, eJerusalema, kwikomkhulu. Futhi bayehla base bebeka izandla phezu kwabo, base bemukela uMoya oNgcwele. UPetru wayesenyukela endlini kaKorneliyu . . . Niyabo, wadingeka ukuba abeke izandla phezu kwabo. Bukani, iZenzo 19, ngenkathi lesosigejane samaJuda e-Efesu, wadingeka ukuthi abeke izandla phezu kwabo, ukuba bemukele uMoya oNgcwele.

203 Kodwa, kuthi esesendlini kaKorneliyu, "Kwathi esakhuluma lawamaZwi, uMoya oNgcwele wehlela kubo." Akukho-kubekwa kwezandla. UMoya oNgcwele wehla ngenkathi bezwa iQiniso. Babelambile futhi beWulindile.

204 Ngabe ukulambele kanjalo ukuphiliswa, kulokhu ukusa na? Ngakho-ke vumelani uMoya oNgcwele ukhulume, uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngabe Washo yini ukuthi, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza na"? ["Amen."] Wazimemezela kanjani Yena uqobo kubantu, ukuba abe nguMesiya wabo, uMesiya wamaJuda na? Wakwenza kanjani kumaJuda na? Ngokubatshela imfihlo yenhliziyo yabo. BaMqonda, uMesiya. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? ["Amen."] Impela.

205 Ngenkathi kufika uPetru, futhi Wathi, "Igama lakho uPetru." Futhi wathi . . . Noma, "Igama lakho uKhefase." Wathi, "Uzobizwa ngoPetru. Igama likayihlo lalinguJona." Lokho kwenela. Wazi ukuthi lowo kwakunguMesiya.

206 Ngenkathi uFiliphu ehamba futhi wafumana uNathanayeli, Wathi, "Uyi . . . Ungumuntu olungileyo, oqotho."

Wathi, "Manje, Rabi, Ungaze nini na?"

207 Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.” Amamayela ayishumi nanhlanu ngale kwezintaba, uhambo losuku, “Ngakubona.”

Wathi, “UyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi kaIsrayeli.”

208 Wehlela kumaSamariya. Wayenesidingo sokwedlula ngapho. Ngani na? Wehlela kumaSamariya. Futhi kwakukhona owesifazane waseSamariya, futhi ngakho Wacabanga ukuthi Wayezomnika nje isibonakaliso sikaMesiya. Futhi Wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Usho kahle, ngoba ubunayisihlanu.”

209 Wathi, “Nkosi,” ngamany’amazwi kanje, “kade sibheke ukuba kufike uMesiya, futhi Uzoba ngumProfethi-Nkulunkulu. Futhi siyazi, nxa Efika, Uyositshela lezizinto. Ngakho, Wena ufanele ukuthi uyilolohlobo lomprofethi.”

Wathi, “NginguMesiya. NginguYe okhuluma ngaye.”

210 Washiya leyombiza yamanzi, isifebe noshisekele, wayesesimweni esinjani, futhi wagijimela emzini, futhi wathi kulawomadoda, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele okusenhliziyweni yami. Kungebe nguMesiya lowo na? Kungebe nguMesiya lowo na?”

211 Kwakungakaze kwenziwe nakanye kwabeZizwe. Qhabo, mnumzane. Lolu wusuku lwabo, nxa sekuyiziNkanyiso zakusihlwa.

212 AmaJuda asesizweni manje, ukulawula izwe. Ake akwenza kanye. Ayabuya. Bhekisisani lesisihlahla somkhiwane siqhakaza, ngaleya. Bhekisisani iJuda, ukuthi likuphi, ikhalenda kaNkulunkulu, niyokuthola. Akasoze amshiya uIsrayeli. Kodwa uIsrayeli wadingeka ukuthi aphuphuthekiswe. Angikusho lokho ngenxa yalomJudakazi ohlezi lapha. Kodwa uIsrayeli wadingeka ukuthi aphuphuthekiswe, ukuze sinikwe ithuba. Bathandeni. Ningakhathazeki, bayophinde baqhakaze futhi. “Okushiywe yisibotho, kudliwe yinkasa. Okushiywe yinkasa, kudliwe yisikhonyane. Kodwa Ngiyakubuyisela, isho iNkosi.” Lokho kwadliwa nje, okwesikhathi sokwenza umsebenzi othize, ukuze sikwazi ukungeniswa. Amehlo ethu avulekile.

213 Manje kuyini na? Usuku lwethu seluyaphela. AmaJuda aqala ukubuthana futhi, ndawonye, njengoba uNkulunkulu asho. NeziNkanyiso zakusihlwa iyakhanya. Kukuphi na? Zikuphi iziNkanyiso ngokukhanya kwakusihlwa na? ENtshonalanga. Kwakhanya eMpumalanga, eJudeni, abantu basempumalanga, ekuqaleni. Bekulusuku olumnyama lwamahlelo njalonjalo, kodwa ukuKhanya kwakusihlwa kuyokhanya kwabeZizwe, inkabazwe yangasentshonalanga. Silapha manje, ekupheleni. Si—sisoGwini lwaseNtshonalanga. Uma ubungahamba uqhubeke, ubuyela eMpumalanga futhi. Impucuko ihambe

ngaleyondlela. Ngakho, iziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya, "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade."

Asikhuleke.

214 Manje, Nkosi, bonke laba bangabaKho. "Ukukholwa kweZwi kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Futhi, Nkulunkulu, Wenza amaZwi aKho abonakalisa, ukufakazisa kubantu ukuthi Wena unguNkulunkulu. Manje makwaziwe, kulokhu ukusa, ukuthi Wena unguNkulunkulu, nami ngiyinceku yaKho, ngibatshela iqiniso lokuPhila okuPhakade. NgoJesu Kristu iNkosi yethu, siyakhuleka. Amen.

215 Ngiyakholwa, uBilly ungitshelile phandle lapho, ukuthi bekukhona i—isixha samakhadi omkhuleko, abantu abaningi lapha. Ngeke sabakhuphula bonke, niyakwazi lokho, ukuba ku—ukuba kufakazise lokho, noma ukuze nje nibone. Manje, uNkulunkulu akadingekile ukuba enze lokhu. Futhi wonke umuntu uyakwazi lokho na?

216 UJesu wayengadingekile ukuthi aphilise noma ubani ngenkathi Esemhlabeni. Benikwazi lokho na? Kodwa Wakwenza, ukuze kugcwaliseke okwalotshwa ngomprofethi. Kunjalo na?

217 Wenza lokhu, ukuze kugcwaliseke iZwi, "Njengokwenzeka ezinsukwini zaseSodoma, kuyakuba-njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu."

218 Niyaqaphela, babenoBilly Graham no-Oral Roberts, bona, ngosuku lwaseSodoma. Amadoda anjengabo ehla futhi ashumayela kwabaseSodoma emzini.

219 Kodwa uAbrahama okhethiwe neqembu lakhe laliyiqembu elibizelwe ngaphandle, lingaphandle eceleni. Nhloboni yeNgelosi eyasala ngemuva futhi yashumayela kubo na? Bhekisisani. INdoda yahlala lapho, yathi yayiyisiHambi ivela kwelinye izwe. Uthuli ezingutsheni zayo. Yadla nje ingxenye yethole, yaphuza ubisi oluvela kumama, idla izinkwa zommbila, noAbrahama. Ngenkathi, mhlampe wayenesihlahla sokuphunga izimpukane, ephunga izimpukane, esakwenza. Ihlezi lapho, idla. Futhi emva kokuba Isihambile . . . UAbrahama WaYibiza ngo, "Elohim, uSomandla." Kodwa WayenguMuntu; uNkulunkulu kubantu baKhe. Manje bukani ukuthi Wenzani, ukuthi Wazi kanjani. Wahlala lapho futhi Wakhuluma kuAbrahama. Wathi . . . Manje, kungokokuqala ukuba ahlangane noAbrahama, kungokokuqala ukuba uAbrahama aMbone, futhi ngokwazana.

220 Nalawa amanye amadoda yayizoqhubeka eSodoma. Futhi ehlela lapho futhi ashumayela, futhi aphuphuthekisa abantu. Akusikho yini lokho ukushunyayelwa kweVangeli okukwenzayo, kuphuphuthekisa ongakholwayo na? Qaphelani.

221 Kodwa Lena yama emuva lapho neBandla elikhethiwe, uAbrahama neqembu lakhe, abasokiwe, abangempela. Yathi . . .

222 ULoti ngu—nguye ohlala edolobheni, futhi unezikhathi ezinkulu. Futhi bonani ukuthi amadodakazi akhe yayinjani, nokuthi amadodana akhe yayinjani, nakho konke. Lokho kufana nezwe nje namhlanje, iSodoma, isono nakho konke. Lelo yibandla, ngegama nje.

223 Kodwa iBandla, likamoya, liyiqembu lababizelwe ngaphandle, behlukaniswa. Nhloboni yeNgelosi efika kubo na? Manje ake siyibhekisise. Manje, khumbulani, iNkosi yenu yathi, "Njengoba kwenzeka ngaleyonkathi, kuyoba-njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." UJesu washo njalo. "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha amaZwi aMi awasoze ehluleka." Manje lalelisisani, futhi nithule.

224 Manje, leNgelosi ikhulume kuAbrahama. Yathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Yazi kanjani ukuthi wayeganiwe? Yazi kanjani ukuthi wayenomfazi na? Futhi Yazi kanjani ukuthi igama lakhe kwakunguSara na? Isimanga, kwakungesiso na?

NoAbrahama wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

225 Wathi, "Abrahama, njengokuba kubonakala ukuthi—ukuthi uyamkholwa uNkulunkulu, futhi uzoba yindlalifa ezweni, bonke abeZizwe nabo bonke bayongeniswa eMbusweni ngeNzalo yakho. Ngeyakho . . . Isithembiso senziwa kuwe. Angizukugcina prom- . . . ngikufihlele noma yini, Abrahama." O, ngiyakuthanda lokho. "Angizukukufihlela lokhu, Abrahama. Kodwa uNgikholiwe, ngaleyongane, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. Manje usuneminyaka eyikhulu ubudala, futhi yena unamashumi ayisishiyagalolunye. Kodwa, Abrahama, ngokwesikhathi sokuphila . . . " Ezethamelini ezixubile, niyazi ukuthi ngichaza ukuthini, izinsuku ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili. Wayeseyekile, iminyaka engamashumi amahlanu, noma ngaphezulu, yebo, iminyaka engamashumi ayisithupha ngaphambi kwalokho. Yathi, "Ngokwesikhathi sokuphila unoSara, Ngizobuye ngikuvakashele futhi, futhi wena uzoletha leyongane."

226 NoSara, esemva kwaYo, ethendeni, oseyili bevaliwe, wahleka phakathi kwakhe. Nje . . . [UMfowethu Branham ulingisa ukuhleka buthule—Umhl.] Futhi wathi phakathi kwakhe, "Ngingaba nalenjabulo nenkosi yami na?" Umbiza uthini umyeni wakho na? "Ngizoba nenjabulo nenkosi yami futhi, lokhu sengigugile, nayo isigugile, futhi na?"

227 NeNgelosi, Ifulathele, yathi, "Uhlekeleni uSara na? Yini emenze ahleke na?" Aniboni na? Nhloboni yoMoya, kwakunhloboni yeNgelosi, leyo, ivakashela leloBandla elikhethiweyo lapho na?

228 Manje, uJesu wathi into efanayo iyokwenzeka ngaphambi nje kokuFika kwaKhe. Leso kuyoba yisibonakaliso sokuFika kwaKhe.

229 Asibize umugqa womkhuleko. Wenza isithembiso. Uyasigcina. Manje, lapho, ndawo ndawo ngapho, ngifanele ngibizele phezulu abantu abahlanu noma abayisithupha, abangababaningi ukuba bakwazi ukuma lapha. Bonke abanye benu bonke bakholwe nje. Bhekisisani. Uma ungenalo ikhadi lomkhuleko futhi wenyukele lapha, lokho akusho nokukodwa. Nginiphosela inselelo. Nakhu oku . . .

230 Nakhu okwenziwa yiNzalo ka-Abrahama, uJesu, ngenkathi Eselapha emhlabeni.

231 Ngoluny'usuku, Wayedlula edabula esixukwini sabantu. Futhi bonke babethi, "Halo, Rabi. Sawubona ekuseni, Dokotela. Usaphila, Mfundisi ohlonipheki le na? Siyajabula ukuKubona, Mfundisi ohloniphekile. Siyajabula ukuba naWe ngapha. Uzowubamba umhlangano sisengapha na?"

232 Nowesifazane omncane bandla wayenesidingo, ngakho wathi nyelele edabula esixukwini futhi wathinta ingubo yaKhe. Ngokuba wathi phakathi kwakhe, "Uma nje ngizothinta lowoMuntu ongcwele." Niyabo? Ukukholwa kwakhe. Niyabo? "Uma ngiMthinta, ngizosinda." Ngakho waMthinta, futhi wabuyela emuva waphuma wangena esixukwini. Wathi, "O, ngineqiniso ukuthi sengiphilile, ngoba ngiyakukholwa lokho. Ngikukholiwe. Ngiyazi ukuthi sengiphilile. Ngi—ngiyakholwa nje ukuthi umopho uyanqamuka khona manje. Ngiyakukholwa nje."

233 UJesu wama, wathi, "Akenisho, ubani oNgithintile?" Umbuzo onje pho!

234 UPetru wathi, ngamany'amazwi, "Nkosi, yini'indaba ngaWe na?" IBhayibheli lithi waMkhuza. Wathi, "Usho ukuthini ngalokho na? Ngani, wonke umuntu uyaKuthinta? Usho kanjani ukuthi . . . Wena, unguMesiya, Awesabi yini ukuthi Uzozilahlekisela Wena lapha phambi kwalababantu, 'Ubani oNgithintile na?' Ngiyabheja bekunamakhulu amahlanu eKuthinta emzuzwini odlule. Ubuzothini, into enjengaleyo na?"

235 Wathi, "Kodwa lokhu bekungukuthinta okwehlukile. Ngiyabona ukuthi Ngiphele amandla." Amandla, noma ubani uyazi ukuthi amandla ngukuqina. "Ngiphele amandla. Ukuqina kuphumile kiMi."

236 Futhi Waqalaza, waqalaza. Niyabo, kukhona ukukholwa khona lapho, ndawo ndawo. Waqalaza, futhi Wathola owesifazane omncane. UMoya oNgcwele owawukuYe, ekugcwaleni, waMqondisa kowesifazane omncane ngqo. Lowomopho ayekade enawo, Wathi, "Ukukholwa kwakho! Manje, Angizange ngikuphilise. Angizange ngihlanganise lutho nakho, kodwa ukukholwa kwakho," (kuBani

na?) "kuNkulunkulu, ENgimmele, ukukholwa kwakho kukusindisile."

237 Manje, iBhayibheli lasho ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Lokho kungukuthi, uyafana ngomgomo, ofanayo emandleni, ofanayo ngesimo sokuziphatha. UNkulunkulu ofanayo owayehlala kuKristu, uhlala eBandleni, hhayi njengokuningi kwaWo. Wayengenasilinganiso, sinaWo ngesilinganiso. Kodwa ukuba ubunesipunu esigcwele samanzi, usikhe olwandlekazi, izithako amakhemikhali afanayo abesolwandlekazi lonke, asesipunwini esigcwele. Kukhumbuleni lokho. Kunjalo. NguNkulunkulu ofanayo.

238 Manje, iBhayibheli lasho, kumaHeberu, washo ukuthi, "UJesu Kristu njengamanje ungumPristi omKhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, uma EngumPristi omKhulu ofanayo, Ubengesebenze ngendlela efanayo uma Ubethintwa na? ["Amen."]

239 Siyini thina na? Umlomo waKhe. Sizinikela kuYe, namaZwi ethu awasiwo amazwi ethu. "Ungacabangi ukuthi uyothini, ngoba akusuwe okhulumayo. NguBaba ohlala kuwe. Uyakhuluma."

240 Ndawo ndawo, belikuphi lelo, Billy, kusukela kwelokuqala kuya kwelamashumi amahlanu, noma kusukela kwelilodwa kuya kwelekhulu na? [UMfowethu Billy Paul Branham uthi, "Elekhulu."—Umhl.] Kusukela kwelokuqala kuya kwelekhulu.

241 Ngokwejwayelekile, abantu babuthanela lelokhadi lokuqala, ngakho sizoke siliyeke kanjalo lelo umzuzu. Ake siqale ngenombolo engejwayelekile, asithi, amashumi amathathu. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi amathathu na? Phakamisa isandla sakho.

242 Yiluphi—yiluphi uhlamvu na? [UMfowethu Billy Paul uthi, "B."—Umhl.] B, uB wamashumi amathathu. Kulungile.

243 Bhekani emaphaketheni enu, khipha ikhadi lakho lomkhuleko. Futhi uma lapho. . . [Umfowethu uthi, "Khona lapho."—Umhl.] Awu, lalelani, uma lingekho elamashumi amathathu, ngani, sizoqala kwenye indawo-ke. Sizo—sizoqala e. . . [UMfowethu Billy Paul uthi, "Khona lapho, ngemuva."] Uthini? [UMfowethu Neville uthi, "Nanguya." UMfowethu Billy Paul uthi, "Emuva, ngakwesokunxele."] O, ngiyaxolisa. Ngiyaxolisa. Kulungile. Woza lapha, mnumzane.

244 Amashumi amathathu-nanye. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi amathathu-nanye na? Ungasiphakamisa isandla sakho, amashumi amathathu-nanye. Woza khona lapha, mnumzane. Amashumi amathathu-nambili.

245 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . namazwi naye. Angilazi ngisho igama lakhe. Kodwa ngi. . . Futhi, qiniso,

a—angazi ukuthi yin'indaba ngaye. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Ngeke nganitshela ukuthi yini engalungile ngaye. Kodwa ngicabanga ukuthi bonke abanye bayizihambi kimi. Angibazi.

246 Bangaki lapho lapha owaziyo ukuthi angazi lutho ngani na? Phakamisani izandla zenu. Yebo, mnumzane. Manje, iBhayibheli lathi, "Uma esefikile uMoya oNgcwele, Uyo . . ." Into yokuqala eyokwenziwa nguMoya oNgcwele! Ini? "Kunembulela lezizinto, eNgizifundisile." Kunjalo na? Manje-ke Uyokwenzani na? "Anibikele okuzayo, abe ngumaMbuli wemfihlo yenhliziyo." Uyokwenza umsebenzi ofanayo uJesu awenzayo.

247 Manje, bangaki okholwayo ukuthi uJesu waliphelelisa icebo lensindiso nokuphilisa, eKalvari na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Ngakho, mayelana nalokho, sekuphelile konke, akunjalo na? ["Amen."] Sekuphelile konke.

248 Kodwa into kuphela Angayenza ngukunimangaza, noma ukuniletha ekuqondeni ukuthi Usenguye uNkulunkulu futhi ugcina isithembiso saKhe. Ngakho, ngokwenzenjalo, Ugcoba abashumayeli. Okungukuthi yilamadoda anomoya omuhle emi ezungeze lapha, nabaningi emuva lapho. Uwagcoba ukuba ashumayele. Mina ngingumbambeli-ndini womshumayeli. Unginika *lokhu*, kube okokushumayela kwami, niyabo, esikhundleni. Isizathu, angifundile futhi angazi lutho, niyazi ukuthi ngisho ukuthini, ukuba yisifundiswa esikhulu noma yini, noma isitshudeni. Kodwa Unika lamadoda amathuba ukuba enze lokho, futhi ayasukuma lapho ephansi kokuphefumulelwa futhi ashumayele. O, angasho okuningi ngemizuzu emihlanu kunoma ngingakusho ngehora, ngoba, phansi kokuphefumulelwa, njengenganono nje noma umshinigani ngokushesha beLibethelela phansi ngqo, njengesando itrip esibethela kalula. Niyabo? Ba . . .

249 Niyabo, isiphiwo sami singenye into. Ngifanele ngithathe isikhathi sami futhi ngifunde ini, futhi ngilinde futhi ngibone ukuthi oNgcwele . . .

250 [Akuqoshwanga eteyipini] . . . sekuvele kuphelile lokho. Kodwa nje enye indlela ukuba ngimthole ukuthi akholwe, ukuba azi ukuthi uJesu ukhona lapha.

251 Manje wathini uJesu na? "Isibonakaliso, njengoba sasinjalo eSodoma, kuyokwenziwa kanjalo ngezinsuku zokugcina." "Imisebenzi eNgiyenzayo mina," ekhombisa ukuthi Wayenguye impela Lowo owayenoAbrahama. "Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA." WayeyileyoNgelosi. Futhi lapha U . . . Nangu, lapha kulokhu ukusa, iNgelosi efanayo, ihlala kithi.

252 Manje, indoda ingahle ukuba i—ingumkhohlisi. Ingahle ukuba ingumzenzisi. Ingahle ukuba ingumphikinkolo. Ingahle ukuba ingo—ngongcwele. Yona, angazi lutho ngayo. Imi lapho nje. Kodwa uma uMoya oNgcwele uzofika futhi wembule, kuyo, mayibe ngumahluleli-ke kusukela ngalesosikhathi

liqhubeke. Iyazi. Uma uMoya oNgcwele ungayitshela ukuthi bekuyini empilweni yayo impela Yona, uma lokho kuyiqiniso, ingakukholwa ukuthi yini engaba sempilweni yayo. Kunjalo na? Uma Engasho ukuthi bekuyini, kanjani-ke ngokuyoba yikhona? Manje, izokwazi ukuthi kunjalo noma qha, noma bekunjalo yini.

253 Dokotela, uyakukholwa lokhu. Wena nomama, nobabili, niyakukholwa. Nomunye udokotela ohlezi emuva lapho, futhi, waseSpringfield, eMissouri. Niyabo? UMoya oNgcwele uphakathi lapha manje.

254 Indoda enezimvu lapho, ehlala ngaphandle eAlben Motel phandle lapha. Uphethwe yinto ethize engaphakathi eceleni kuwe. [Umfowethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Awusuye owalapha, okokuqala nje. UngowaseCanada. ["Yebo. Kunjalo."] EBritish Columbia. ["Kunjalo."] EVancouver. ["Kunjalo."] Uvela eFinland. ["Yebo."] EKiitos.

[NgesiFinishi, ukuthi *kiitos* kusho ukuthi, "Ngiyabonga."—Umhl.]

255 [Umfowethu uthi, "Kiitos, futhi uNkulunkulu akubusise."—Umhl.] UNkulunkulu akubusise. Hamba uye ekhaya; ususindile. UJesu Kristu uyakusindisa. ["Amen."]

256 Uyakholwa na? Angiyazi indoda. Angisazi manje ukuthi ngitheni kuyo. Lowo bekunguMoya oNgcwele ukhuluma.

257 Esinye isihambi. Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone empilweni yami. Ngithi siyizihambi. Kunjalo, mnumzane na? [Umfowethu uthi, "Impela. Kunjalo."—Umhl.]

258 Angikaze ngiyibone indoda, ngingazi lutho ngayo. Manje hloniphani ngempela. Futhi uma ngingazi lutho ngendoda, neNkosi izongitshela okuthize ngayo, khona-ke ngempela lokho kuzoqinisa ukuthi kuthatha into enkulu ukwedlula umuntu ukwenza lokho. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje uma nje nizohlonipha ngempela, futhi nibhekisise, futhi niqaphele. Futhi uma uMoya oNgcwele ukhonya phezu kwakho kanjalo, Wemukele. Ukholwe, ngenhliziyo yakho yonke.

259 Isihambi. [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Into yokuqala, ufuna insindiso. Uhlushwa wuphuzo. ["Kunjalo."] Kunjalo impela. ["Kunjalo."] Awusuye owakulelidolobha. Uvela kwelinye idolobha, idolobha i-Indiana. Yebo. Ngikholwa ukuthi yiNew Castle, into efana nalokho. ["New Castle. Kunjalo. Yebo, mnumzane."] Impela. Ehhe.

260 Ubune, ngandlela thize, enye. Ngibona eyomuny'umuntu . . . Unowesifazane. Kuxhumene . . . Uphi uLyle Woods? Ngumkakhe. [Umfowethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Ulapha manje. ["Kunjalo."] Ufuna ukukhulekelwa, naye. Yebo, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? ["Yebo, mnumzane."]

Ukhathazwa yinhliziyo. Uzokholwa ngenhliziyo yakhe yonke, angaphiliswa.

261 Ngiyamchitha lowodeveli okuwe, okwenza uphuze uphuzo oludakanayo. Hamba uye ekhaya, eGameni likaJesu Kristu, futhi ungabe usaluphuza futhi. Ubhaphathizwe eGameni laKhe eliligugu, kususwa izono. Futhi ngiyamchitha udeveli. Kwangathi angedlula kuwe. Amen.

262 [Umfowethu uthi, "Ngiyabonga, mfowethu."—Umhl.] Qhubeka. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Izono zakho sezithethelelwe manje. Hamba, ungabe usona.

263 Kholwa nguNkulunkulu. Ungangabazi. Kholwa ngakho konke okukuwe.

264 Siyizihambi omunye komunye, inenekazi eliselincane. Uyakholwa ukuthi uKristu usazi sobabili na? Nakhu okunjengowesifazane emthonjeni, noMsindisi wethu. Awusuye, kanjalo nami angisuYe. Kodwa uMoya waKhe uphila phakade. Owesifazane, lona wesifazane osemncane emi lapha, une . . . Uma beningaKubona, phakathi kwakhe nami yilokhu ukuKhanya kweNgelosi emi lapha. Kodwa ngaphambili le nje kwalokho yisithunzi, nalesosithunzi wukufa, ubumnyama. Ngumdlavuza. Umdlavuza umilile, umtshazo. [Udadewethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Awusuye owalelizwe, nawe. UngumKentucky. ["Kunjalo."] ELaGrange, eKentucky. ["Kunjalo."] Kunjalo. Nkk. Jonhson, ngizokutshela uk'uthini. Uma ukholiwe, ngayo yonke inhliziyo yakho, buyela ekhaya, noJesu Kristu uyakusindisa. Uyakukholwa lokho na? ["Ngiyakholwa."]

265 Ngiyamchitha udeveli othatha ukuphila kwalo wesifazane. Phezu kwalezizesekelo zokuvuka kukaJesu Kristu, manje ngiphosela uSatane inselelo, futhi ngimtshela ukuthi uyisidalwa esehluliwe, ukuthi uJesu Kristu wamehlula eKalvari. Futhi njengenceku kaNkulunkulu, phansi kogcobo lukaMoya oNgcwele, ukuthi, umyalo enganikwa wona yiNgelosi, ngiyabuchitha lobububi, ngenxa yalokhu ukuphila kowesifazane. Makaphile, O Nkosi. Amen.

266 Buyel'ekhaya, jabula futhi uthokoze, ubonga iNkosi. Ungangabazi manje. Ungabi nokungabaza engqondweni yakho.

267 Ubukeka uqotho futhi umsulwa kakhulu ngalokho, nenekazi. Uma ukholwa, lokho kuhlushwa yindlala ophethwe yikho, isifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba, kukholwe ngenhliziyo yakho yonke, kuzophuma kuwe.

268 Manje, inenekazi elincane lizwe okuThize khona lapha, ngoba kukhona umoya phakathi kwabo bobabili, niyabo. Wena, owakho ukahle kakhulu, nawo. Kholwa nje, ngenhliziyo yakho yonke.

269 Futhi empeleni, inenekazi elincane eliseduze kwalo lapho. Yebo, nguwe ohlezi lapho, ubuka phezulu, ukhuleka. Ehhe. Lokho kuhlushwa yiqolo, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Nawe, futhi, ubuhlushwa yiqolo, futhi. Ngakho yenyuka nje bese uya ekhaya manje, usinde.

270 Uyakholwa, yonke inhliziyo yakho na? Ulapha ngenxa yendodakazi yakho. [Udadewethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Lendodakazi yakho isibekelwa ukufa. ["Kunjalo."] Ngumdlavuza. ["Yebo."] Nesimo sakhe sokomoya asisihle kahle. ["Kunjalo."] Yebo, mnumzane. Iphansi-phezulu nje, iphuma-ingena, futhi ibigezageza. ["Kunjalo."] Uyalibona leloduku oliphethe ngesandla sakho? ["Yebo, mnumzane."] Uyakholwa ukuthi lowo nguMoya oNgcwele okhuluma lapha? ["Ngiyakholwa."] Awunginike leloduku.

271 Nkosi, eGameni likaJesu Kristu, ngiyasichitha isimo sendodakazi yakhe. Emazwini omlomo kanina, malisebenze phezu kwayo, eGameni likaJesu. Amen.

272 Hamba; ungangabazi. Kholwa. Angaya ekhaya manje. Ulibeke phezu kwakhe leloduku. Ukholwe. ["Udadewethu uthi, "Ayidunyiswe iNkosi."—Umhl.] Kholwa nguNkulunkulu.

[UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane imizuzwana eyishumi nanhlanu—Umhl.]

273 Kukhona owesifazane, uma ningambona. Uvale amehlo akhe. Iduku lakhe uliphakamisile, uyakhuleka, wesula amehlo akhe. Uthinte okuThize, dadewethu. Awuthintanga mina, kodwa uthinte Yena. Manje, unemithambo eqhansile, isifo sabesifazane, izifo ezelakanyanayo zezinhlobo zonke. Kunjalo. Akunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lelo kuyiqiniso. Kulungile. Manje hamba uye ekhaya, usinde.

274 Wathintani na? Ngifuna ukunibuza. Ubani, wathintani lowo wesifazane na? UmPristi omKhulu. Ningaqonda na? UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ikhona. "Uma ukholwa!"

275 UMoya usezethamelini. Yibani ngabakholwayo. LeyoNsika yoMlilo ekulesisithombe lapha, ihamba ezethamelini. Ngowesifazane ongibuka ngqo. Imi phezu kwakhe. Izandla ziphakame *kanje*, neduku lisemlonyeni wakhe. Unokuhlushwa yikhanda, kuwuhlobo lwesimo sokwethuka kwemizwa kwekhanda. Kunjalo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyakukholwa lokho ukuthi kunguKristu ekhuluma nawe na? Hamba uye ekhaya, uzokunqoba. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

276 Indoda ehlezi emva kwakhe khona lapho, enye into ethize ixhumene naye mayelana neCampbellsville, eKentucky. Ehhe. Uhlushwa ukuguliswa yimizwa, nawe; ukuphelelwa amandla; isifo senhliziyo ibhiphi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, mnumzane na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho uma

lezozinto ziqinisile. Uthinteni na? Uthinte uMuntu othize, umPristi omKhulu. Hamba, kholwa, futhi usinde.

277 Nangu owesifazane, othe ukuba-mkhulukazi, ehlezi lapha nesandla sakhe siphakeme ngakuye. Ngikholwa ukuthi ngiyamazi lowo wesifazane. Ngike ngambona ndawo ndawo. Uyakhuleka. Uhlushwa yikhanda lakhe. Futhi masinya ngenkathi ngithi "ikhanda," kulowo omunye wesifazane, emizuzwini embalwa nje edlule, kumthintile. Uhlushwa yikhanda, naye. Ngike ngambona owesifazane ndawo ndawo. Angisakhumbuli, kodwa ngike ngambona. O, yebo, ngiyakhumbula. Sengiyazi manje, ngisho nangokukamoya. Ungu Rose Austin, ungowaseLouisville, eKentucky. Kholwa manje. Hamba uye ekhaya, usinde.

278 Ngiyakwazi. Ngiyabazi obakho . . . Ngiyabazi ubuso bakho. Nganginawe, e—engxoxiswaneni, kwikharaveni, lapho owemukela khona uMoya oNgcwele. Kunjalo. Ngabeka izandla phezu kwakho, futhi wemukela. Angilazi ukuthi ubani igama lakho okwamanje, kodwa ngiyakwazi. Unebhizinisi lezimoto. Yilokho kuphela engikwaziyo. Anginamqondo ukuthi yini engalungile kuwe. Wena, uyakwazi lokho. Kunjalo. Anginamqondo. [Umfowethu uthi, "Qhabo."—Umhl.] Uma uNkulunkulu ezokwembula ukuthi nkathazo yini, khona-ke yena Lowo okupha uMoya oNgcwele, angakuphilisa, akuphe isifiso senhliziyo yakho. Uyakukholwa lokho na? ["Yebo, mnumzane."] Awukho lapha ngesingawe. ["Qhabo, mnumzane."] Akusiso isimo sakho. Esothandekayo wakho. Ngudade eVirginia. Uhlobo oluthize lwenkathazo, njengomhlane.

279 Umkakho uhlezi lapho. Naye uyadinga. Uzokholwa, inkathazo endala yenhliziyo nezinto kuzovele kuphume kuye. Uzo . . .

280 Lona wesifazane khona lapha uxhumene nawe. [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Lowo ngunyoko. ["Yebo."] Ukhathazwa ukuthi ingabe unawo yini uMoya oNgcwele, noma qha. ["Yebo."] Futhi, uhlushwa yinyongo emkhathazayo, nenye into ethize. Udokotela lapho, umfo owuhlobo olunamandla, wathi, "Yisizalo esiwile." Ubufanele uhlinzwe, ngesikhathi esithize esedlule. *Nguye* obe yimbangela yokuba ungahlinzwa. [Umama uthi, "Yebo."] Ubefuna uze lapha futhi ukhulekelwe. ["Yebo. Kunjalo."]

281 Lo omi emva kwakhe ngqo ngubuhlobo obuthize. Lowo wesifazane osemncane unobuhlobo, ngandlela thize, kodwa ungomshado. [Umfowethu uthi, "Ehhe."—Umhl.] Umshanakazi, ngomshado. Ukhathazeke ngensindiso yakhe, naye. Kunjalo. Unesifo sikashukela, owesifazane osemncane. ["Yebo."] Yiqiniso impela. Uyakholwa na? [Udadewethu uthi, "O, yebo, mnumzane."—Umhl.]

282 [Ibandla liyajabula—Umhl.] Asiphakamise izandla zethu nje kuNkulunkulu.

283 O Nkosi, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela uBukhona baKho phakathi kwabantu manje. Baphe isifiso sezinhliziyo zabo, Nkosi. SiyaKubonga ngalokhu. Sikhulekela ukuthi Uzobusisa nje futhi unike lababantu lokho abakudingayo, ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

Bangaki okholwayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

284 Angisakhumbuli. Kodwa, ngandlela thize, Kwehle ngalomugqa, phezu komuny'umuntu. Bekuyiqiniso konke na? Phakamisani izandla zenu. Noma ngabe ubani Okukhulume kuye, beKuqinisile na? [Abantu ngamunye bathi, "Amen! Lonke izwi lakho! Konke okwakho beliqinisile!"—Umhl.] Konke kuqinisile. Manje-ke, kuyiqiniso ukuthi uMoya oNgcwele lapha. Yiqiniso lelo na? ["Amen."] Manje ngikholweni, njengenceku yaKhe. Ngiyazi i . . . Niyayaluza. Senikhathele. Niyabo? Ningangabazi. Kholwani manje ukuthi lona nguYe. Lowo Moya ovunguzayo owafika ngoSuku lwePentekoste, ekamelweni eliphezulu, leyo yinto efanayo ethinte lababantu ngenkathi lokho kwenzeka, ngoba nguMoya oNgcwele ofanayo. Uyahambahamba, phezu kwenu, nonke, khona manje. Phandle, phakathi phakathi kwezixuku, nguMoya oNgcwele uhamba phakathi kwenu. Bangaki . . .

285 Ngifuna nethembeke kimi, njengoba bekunganjalo ngaleliBhayibheli eliphambi kwami. Bangaki ozwa into exakile ngempela, ukuthi ikhona Into efike khona lapha nje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lowo ngu Moya oNgcwele. Lowo nguYe. Manje ngikholweni. AmaZwi ami aqinisile. Isizathu, uNkulunkulu uqinisikise iQiniso laKhe ngeBhayibheli, waLiqinisekisa ngaMandla okuvuka kwaKhe, waLiqinisekisa ngocwaningo lwesayense, manje-ke akukho okunye kokuLifakazisa ngakho. UnguNkulunkulu. Ulapha. Manje-ke, ngizweni. Nginitshela iQiniso. Nonke niseBukhoneni bukaNkulunkulu njengamanje, ukuba niphiliswe, lonke iqembu lenu. Niyakukholwa lokho na? ["Amen."]

286 Manje ngiyanitshela ukuthi ngifuna nenzeni. Ngifuna nje nina, noma ngabe nikuphi, nonke ngamunye ukuba nibeke izandla phezu komunye nomunye, ukuze nibone ukuthi akusimina. Nani ni—nisebenza impela. Uyikholwa. Uma niwuzwa lowo Moya oNgcwele, Uphezu kwenu. Mhlawumbe hhayi esiphiweni esinjengalesi, kodwa ukuthi uMoya oNgcwele uphezu kwenu. Omunye, akunandaba ukuthi ubani, beka izandla phezu komunye, bese-ke ukhothamisa ikhanda lakho. Beka izandla zakho phezu komunye, bese ukhothamisa ikhanda lakho. Ngizwa ngiholeleka ekwenzeni lokhu. Ngiyezwa ukuthi kuyisikhathi sokuphiliswa kwenu. "Uma ukholwa!"

287 O, uMoya oNgcwele uhamba phezu kwezethameli! Lowomfo omncane ngaleya, ovela eGeorgia, ukhulekela umfowenu ohlezi emuva ngaleya, yiba nokukholwa, kholwa. O, Ususezindaweni zonke nje, ezindaweni zonke nje.

288 Manje, ungazikhulekeli wena. Khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe. Lokho kuzonenza nonke nikhulekelane.

289 Manje, Nkosi Jesu, Ndodana kaNkulunkulu, Evuke kwabafileyo, ngisho nezinsongo zikaPontio Pilatu nophawu lwamaRoma aluKubambanga ethuneni. UNkulunkulu uSomandla wehla ngosuku lwePhasika, futhi waginqa itshe walihlehlisa, ephula uphawu. Futhi Wena wavuka futhi waba kanye nabafundi bakho, izinsuku ezingamashumi amane, ubayala ukuba baye ezweni futhi benze lezizinto okwenziwa manje. Lokho bekuseminyakeni eyizinkulungwane ezimbili ezedlule.

290 Nkosi, UnguNkulunkulu. Ungeke wehluleka. Ulapha. Lenkomfa, kulokhu ukusa, esibe nayo, sithethe indaba ngalezizinto. Sithethe indaba ukuthi UnguNkulunkulu; sathetha indaba, indaba ukuthi unguNkulunkulu, nendaba ukuthi Ulapha.

291 Futhi manje sinomyalo ovela kuWe, ukuba sibeke izandla phezu komunye nomunye. Yilokho Owasiyala ukuba sikwenze. Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, basinde." Lowo ngumyalo wethu ovela enkomfeni. Manje, Nkosi, "Ukulalela kungcono kunomhlatshelo; ukuzwa, kunamafutha enqama."

292 Manje, Nkosi, njengenceku yaKho, ngiyayala, futhi ngikhuza bonke odeveli, bonke omoya, konke ukugula, konke ukuhlupheka, zonke izinto eziphambene okukhathaza lababantu. EBukhoneni bukaNkulunkulu, ngobufakazi bukaMoya oNgcwele, ngomyalo weNgelosi eyathunyelwa kimi, ngiwuphosela inselelo lomoya, ngeZwi likaNkulunkulu.

293 Lomoya wokugula nezinhlupheko, phuma kubantu, eGameni leNkosi uJesu Kristu, futhi bayeke basinde. Bayeke bahambe. Satane, ungumdukisi nje. Sibize isandla sakho. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kaningi—Umhl.] Isikhathi sifikile, lapho uJesu Kristu ezibonakalise khona Yena eBukhoneni babeZizwe. Manje, Satane, wehluliwe. Ngesinye isikhathi, wake wababamba abantu. Awusenawo amalungelo angokomthetho manje. UJesu Kristu wakuhlubula onke amalungelo owawunawo, eKalvari. Wakhokha inani eligcwele, wayesethi, "Kufeziwe." Lonke, icebo eliphelele lokusindiswa, konke ukuphilisa, konke kwafezwa eKalvari. Nawe, wephucwa, konke owake waba nakho, ngesono nangokuwa. Manje sesihlengwe ngeGazi likaJesu. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kanye—Umhl.] Futhi ungeke

usasibamba. Sithi, "Phuma kithi, ngeGama leNkosi uJesu Kristu."

294 Manje izandla zenu azibe zilokhu ziphezukomunye nomunye. Yibani nilokhu nikhuleka. Gcinani izandla zenu; yibani nilokhu nikhuleka. Ngamunye wenu nicabanga nje, "UNkulunkulu useduzane. UMoya kaNkulunkulu ulapha. UNkulunkulu uyangiphilisa. Ukulunga kwaKhe, isihawu saKhe, uMusa waKhe, isithembiso saKhe senziwa sibe yiso ngempela kimi." Besingashumayela siqhubeke, amaviki ngamaviki, bekungeke kwenze mehluko manje. UMoya oNgcwele ulapha. Yilokho kuphela Obungakwenza, noma ngasiphi isikhathi, ube khona lapha manje. "Khona manje, ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ubonakalisa kimi, ufakazisa kimi, ukuthi uNkulunkulu ulapha. NgiMkholwa. Ngumsebenzi osuqediwe. NginaWo. Uyifa lami. Manje ngigcwalisa ngo Moya oNgcwele. Izifo zami, ubuhlungu bami nezinhlungu, sekuyaphuma. Zonke izinhlupheko zami seziyasuka kimi." Yileyondlela yokukhuleka, ikhanda lakho likhotheme, amehlo evaliwe.

295 *Kholwa Kuphela*, manje. Amakhanda enu awabe elokhu ekhotheme manje. Sizocula manje, ngokuthula.

Kholwa kuphela . . .

296 Kwehliwa entabeni; umntwana onesithuthwane. Abafundi babekade belapho. Bebuza . . .

